# *UPhawu*

. . . kubeyiZwi. Khumbulani kusasa ntambama . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Kunjalo. Kodwa niyazi lapho engiqonde khona, kuthi akube amamayela angamashumi amahlanu enhla nomgwaqo.

2 ENcwadini kaEksodusi, siyafunda, kulobubusuku, e—esahlukweni 12 sikaEksodusi, nevesi 12 nevesi 13. Ngikholwa ukuthi kungakuhle uma simile sisafunda iZwi, ezinhloniphweni kuNkulunkulu. Eksodusi 12:12.

> *Ngokuba ngiyakudabula izwe laseGibhithe ngalobubusuku, ngibulale onke amazibulo ezweni laseGibhithe, abantu nezinkomo; ngenze izahlulelo kuzozonke izithixo zaseGibhithe: ngiyiNKOSI.*
>
> *Igazi liyakuba luphawu lwenu* endlini *lapho nikhona: nanxa ngibona igazi, ngiyakudlula kini, ningehlelwa isifo sokunibhubhisa, lapho ngibulala izwe laseGibhithe.*

3 Asikhothamise amakhanda ethu.

4 Baba Nkulunkulu, siyakhuleka, kulobubusuku, ukuthi sizozihlola thina futhi sibone uma iGazi lingeleneleyo, nelibonakalayo. Njengoba sikhuluma ngeZwi laKho, kwangathi uMoya oNgcwele ungasihola usiqondise, eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

5 Ukufundwa kwethu komBhalo, kulobubusuku, kusibuyisela kuEksodusi. *Eksodusi* nguku "phuma." Futhi, lokhu, sonke sisejwayele i—isikhathi, nokwendikimba. Ngizothatha indaba ethi: *UPhawu*. Uphawu, yini uphawu na? Uphawu isibonakaliso se . . . ukuthi inani likhokhiwe.

6 Njengenkampani yakwaloliwe, noma imali yebhasi. Uma behamba ngomzila wamabhasi, uyangena, amaningi amadolobha asenakho. Ungakwazi, noma ithikithi liwuphawu. Uma uya enkampanini yakwaloliwe, futhi, noma inkampani yamabhanoyi, futhi uthenge ithikithi, akusiyo imali oyifakayo uma uhamba, wuphawu, ithikithi lakho, noma uphawu lwakho oluncane onalo. Lukhombisa ukuthi uthenge inani elidingekayo. Badinga inani elithize, nalelinani likhokhiwe.

7 Nendaba esikhuluma ngayo, kulobubusuku, isidingakalo sikaNkulunkulu ngoIsrayeli, isidingakalo sikaJehova, kwakuyigazi lewundlu. Leso kwakuyisidingakalo saKhe, futhi sasizoba ngesophawu. Uphawu lwakhombisa ukuthi isidingakalo kwasekuhlangatshezwane naso, ukuthi lokho uNkulunkulu ayekudingile kwasekuhlangatshezwane nakho.

8 Okudingwa nguloliwe, uphawu lukhombisa ukuthi sekuhlangatshezwane nakho. Imali yakho yokugibela isikhokhiwe. Usulungele ukungena esitimeleni, ibhanoyi, ibhasi, noma ngabe yini, kodwa ufanele ube nophawu. Ungeke waqhubeka ngaphandle kophawu. Eziningi zezinkampani zingeke ziwemukele ukheshe wakho, uma uphuma uya ebhanoyini, uphumele lapho, bese uthi, “Ngifuna ukukhokha ithikithi lami.” Uhamba uyothola ithikithi lakho kuqala. Ufanele ube nethikithi, futhi nje uphawu yilona ofanele uluphathe. Imali, uqobo lwayo, ayizukusebenza. Ufanele ube nophawu.

9 Ukuphila kwase kuphumile emhlatshelweni, futhi manje igazi laliwuphawu. Izimiselo zakhe zase zenziwe.

10 Yilokho okwakuyikho eGibhithe, lobobusuku obesabekayo, ngaphambi nje kokuba ukufa kugadle, inhlupheko yokugcina. UNkulunkulu wayekhombise izibonakaliso zaKhe ezinkulu nezimanga eGibhithe, ukubekezela kwaKhe nomusa, kuFaro nabobonke abantu bakhe. Wayethumele izibonakaliso ezinkulu eziningi ngezwe. Wabathumela umprofethi, wababonisa izibonakaliso nezimanga, iNsika yoMlilo, nakho konke Ayekwenzile. Futhi nokho, konke lokho Ayekwenzile, nokho babengaphenduki. Babengezi kuNkulunkulu. Abazinakanga zonke ezezibonakaliso zaKhe. Abamnakanga umprofethi waKhe. Abawunakanga umlayezo. Babefuna indlela engeyabo. Ngakho uNkulunkulu wayesecikekile yibo, ngakho Wathi, “Ngizokwenza ukwehlukana manje phakathi kwalabo abakholwayo nalabo abangakholwayo.”

11 Ngicabanga ukuthi siphila kulesosikhathi manje, lapho uNkulunkulu enza khona ukukhetha. Umuntu uyokholwa noma angeke bakholwe.

12 Futhi uNkulunkulu wayedinga uphawu, naloluphawu lwaluyiwundlu elingenacala Ayebambise ngalo ekufeni, ensimini yaseEdene. Futhi manje ngenkathi iwundlu libulawa, igazi lalizobekwa phezu kwensika yomnyango nasekhothameni, futhi lalizoba ngelokubonisa ukuthi isidingakalo sase senziwe.

13 O, ngicabanga ukuthi leso yisifundo esikhulu sethu njengoba sisibuka. Sibona okholwayo, ekhonza, njengoba wayekhonjwa wuphawu lwegazi. Wayefanele, okholwayo wayefanele athole iwundlu, alihlabe iwundlu, iwundlu lendlu, athathe igazi ngehisopi, okuyibrashi elincane nje elimila lapho ezweni. Futhi wona, ukhula olwejwayelekile, besingakubiza kanjalo, futhi wayefanele abhece igazi. Kuyakhombisa, ngokubhecwa kwegazi, ngalelihisopi, ihisopi limele ukukholwa. Isikhathi esiningi, abantu bacabanga ukuthi bafanele babenokukholwa okuthize okungaphezu kwemvelo, ukuba abeyikholwa. Akunjalo. Ihisopi likhuluma ngalokho, ukhula olwejwayelekile

nje owawungaluthola noma kuphi, ulikhe, ulicwilise egazini, bese ubheca igazi.

14 IGazi, kulobubusuku, libhecwa ngokukholwa okulula. Hhayi nje into engaphezu kwemvelo; ingakuwe ngqo, ndawo zonke. Kalula nje, njengomntwana, yelula isandla bese ulibamba, bese ubheca iGazi. Ihisopi lingukukholwa okunjengomntwana okulula nje, ekholweni. Akusiyo into ongefinyelele kuyo. Awudingi ukuba weluleke kude kakhulu ukuba ulithole.

15 Lelihisopi elimila kulelozwe, limila emifantwini yezindonga, uhlobo oluncne lweqabunga elimisise okwedayimane. Ungalikha, nomaphi. Njenganje—njengotshani noma ukhula obelungaba se—i—ezweni lapha manje; ulikhe nje, ulibhece, ulibeke phezu komnyango.

16 Yileyondlela ukukholwa okufanele kubhecwe ngayo; uthathe ukukholwa, ngiqonde ukusho njalo, bese ubheca iGazi likaJesu Kristu, ngokukholwa, emnyango wenhliziyo.

17 Lokhu kwakuzokwehlukanisa futhi kwenze umehluko phakathi kwalabo ababephuma eGibhithe, nalabo ababezohlala eGibhithe, futhi babhubhe neGibhithe. Kwenza umehluko.

18 Kuyaxaka, ukuthi uNkulunkulu usebenza kanjani njalo ngezibonakaliso, iziboniso, izimpawu, kanjalonjalo. Ubehlala njalo ekwenza. Leyo yindlela yaKhe yokwenza noma yini. Akakwenzi neze ngaphandle kwalokho. UNkulunkulu akawenzi neze umnyakazo aze Awenze ngaleyondlela.

19 Indlela uNkulunkulu aqala ngayo, yileyondlela uNkulunkulu aqeda ngayo. Ungongenasiphelo, onamandla onke, osezindaweni zonke, ongowazi konke. Akadingi sizo lwamuntu. Akadingi ukuhumusha kwethu, njengoba ngishilo izolo ebusuku. Akasidingi ukuba sihumushe iZwi futhi sisho ukuthi Lichaza ukuthini. Ukhuluma lokho Elithi Liyokwenza, lokho ngukuhumusha. Akukho-muntu ozoLihumusha. Uma uNkulunkulu ethi, “Makubekhona,” futhi kuyikho, lokho ngukuhumusha kwaKhe kwaLo.

20 Singahle sithi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.” Umuntu oMkholwayo, uNkulunkulu ukhuluma kuye, nalokho ngukuhumusha. Banakho! Lokho ngukuthi, bayazi ukuthi banaYe, ngoba uNkulunkulu unikeza ukuhumusha kwaKhe Yena eZwini laKhe.

21 Yilokho Ayekudinga ngalobobusuku, ukwehlukanisa abakholwayo kwabangakholwayo. Okholwayo, umkhonzi, wayebandakanywa nomhlatshelo wakhe. Ufanele abhece igazi. Kwakungesikho ukuthi “thatha futhi ubulale iwundlu, ubeke igazi phandle lapho ndawondawo, noma uligcine oqwembeni, noma ulehlisele komakhelwane.” Wadingeka alibhece igazi!

22 Yileyondlela okungayo, kulobubusuku. Besingeza futhi sizwelane nayoyonke into uNkulunkulu ayenzayo, lokho akusikho Akudingayo. Ufanele ulibhece. Akwenele uze ulibhece. IGazi lifanele libhecwe, lokho kukhombisa ukuthi uyabandakanywa. Umkhonzi wayebeka isandla sakhe phezu kwewundlu bese-ke elibulala, azibandakanye nomhlatshelo.

23 Into efanayo esiyenzayo, kulobubusuku, ngukubeka isandla sethu phezu koMhlatshelo wethu, futhi sizibandakanye naYe. Futhi UyiZwi. Sifanele sibandakanywe kuphela ngoKristu, kungenkathi sibandakanywa ngeZwi, ngoba UyiZwi, ubehlala njalo eyilo. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Onguyena izolo, namuhla, naphakade!"

24 IZwi elingaka labelwe isizukulwane ngasinye. UNkulunkulu uthumela omunye phakathi lapho futhi akhombe leloZwi, ngokuhumusha kwaKhe Yena uqobo.

25 Izivumokholo nezinto bekuhlala njalo kunebandla lisesiyaluyalwini esinjalo, wonke umuntu wathi, "Awu, yi*le* ndlela, futhi yi*le* ndlela, futhi yi*lokhu* enifanele nikwenze." Kodwa uNkulunkulu uyangena, bese efika enkundleni bese enza lokho Athi kuyofezeka, lokho ngukuhumusha. Akadingimuntu ukuba asho; hhayi umuntu onesono, noma izinhlangano, noma yiliphi ihlelo elikhulukazi, noma yini enye, ukuba ihumushe iZwi; umbhishobhi othize, umbhishobhi omkhulu, uphapha, noma okuthize. Akusikho lokho. UNkulunkulu wenza ukuhumusha kwaKhe Yena uqobo. Ngenkathi Ekwethembisa, Uyakwenza.

26 Njengoba ngishilo, izikhathi eziningi. Ngenkathi Ethi, "Makubekhona ukukhanya," futhi kwabakhona ukukhanya, lokho ngukuhumusha. Akusadingi okunye futhi, noma yini enye ukuba izame ukuLihumusha. UNkulunkulu uyahumusha, qobo lwaLo.

27 Leligazi libhecwa, nomkhonzi obandakanyiwe wayezibandakanya negazi, ngokulibheca endlini yakhe uqobo, phezu komnyango, lapho ayengenakuphuma noma angene ngaphandle kokwaziwa ngegazi. Umfanekiso ophelele impela, wanamhlanje, weGazi likaJesu Kristu. Manje-ke, igazi laliwuphawu lwenkomba. UKristu uwuphawu lwenkomba yekholwa namhlanje.

28 Ukuphila kwesilwane. Lezozinsuku, isizathu babedingeka babhece isithako segazi, balithathe ngehisopi, balibeke phezu kwensika yomnyango nekhothamo, yingoba isilwane... Umkhonzi owayebeka izandla zakhe bese ezibandakanya nesilwane, ukuphila okwakusesilwaneni kwakungenakubuyela phezu komkhonzi, ngoba isilwane asinawo umphefumulo. Asizenzi sibe ngcono nhlobo.

29 Siyathola, namhlanje, ukuthi thina muntu, nakuba siwile, kulesisimo esiwile, sakha izindlu zethu kangcono, sakha, sakha imoto engcono. Sithatha lokho uNkulunkulu asekudalile, sikuphendukezele, bese sikuphendulela entweni ethize ukuba sizisize thina. Kukhombisa ukuthi singamadodana kaNkulunkulu, emumweni wethu owileyo, nokho sinomphefumulo. Ngeke sadala, njengoba kwenza uNkulunkulu. Kodwa singathatha lokho Akudala, bese senza okudaliweyo okufanayo ngalokho Asevele ekudalile.

30 Isilwane asikwenzi lokho. Inja isalokhu iphila ngendlela efanayo eyayiphila ngayo. Inyoni isalokhu yakha isidleke. Nenhlanzi inezinkundla zayo zokuzalela. Akukho mehluko lapho, ngoba (ngani na?) azi. . . zinawo umphefumulo. Kodwa, kufakazisa ukuthi umuntu usemfanekisweni womdali wakhe. Ngakho-ke, ukuthi ngenkathi isilwane sifa negazi lephulwa, ingqamuzana lephulwa, ukuphila kusengqamuzaneni legazi. Futhi ngenkathi ingqamuzana legazi lephulwa, igazi lephulwa, umkhonzi wayefanele athathe isithako semvelo segazi bese esibeka phezu komnyango, ukuze sikwazi ukubonwa ngeso langempela. Ngoba, ukuphila okwakusesilwaneni kwakungenakubuyela phezu komuntu, kungenamphefumulo, ngakho-ke kwakungenakuxubana nomphefumulo womuntu. Ukuphila kwesilwane ngeke kwabuyela phezu kwesidalwa esingumuntu.

31 Manje, uMhlatshelo wethu namhlanje, hhayi kuphela isidalwa esingumuntu esejwayelikile, kodwa kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe owabandakanywa enyameni lapha phezu komhlaba. Ngenkathi lelongqumuzana leGazi lephulwa, akwenzanga kuphela umphefumulo woMuntu, noma umoya woMuntu; kodwa uNkulunkulu qobo lwaKhe, Owabandakanywa kulowoMuntu, ubuyela phezu kokholwayo, embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Lolo wuPhawu uNkulunkulu aludingayo namhlanje. UPhawu lwanamhlanje, esidingeka sibe nalo, lufanele lube uMoya oNgcwele. Lolo wuPhawu lukaNkulunkulu aludingayo. Sizokufakazisa kini ngemiBhalo.

32 Ngaphandle kukaMoya oNgcwele, awuluvezi obala uPhawu. Lolo wuPhawu, lukhombisa ukuthi i. . . ukuthi uzibandakanye noMhlatshelo, noNkulunkulu ukubuyisele uPhawu, ukukhombisa ukuthi wemukeliwe. Kuze kwenziwe lokho, akunandaba ukuthi ulunge kangakanani, wazi kangakanani, ukuthi unguprofesa wasekholiji kanjani, umuntu olungile, umshumayeli, noma kungaba yini. Awuqondwa nhlobo uze ukwazi ukukhombisa uPhawu.

33 UIsrayeli, kulolophumo, lapho bephuma ngalesosikhathi, babefanele babenophawu, ukufakazisa ukuthi babebandakanywa nomhlatshelo wabo.

34 Futhi, kulobubusuku, uNkulunkulu udinga umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kube yisifakaziso ukuthi sibandakanywe ekuvukeni kukaJesu Kristu. Akukho okusilele kukho. IBhayibheli liyakufundisa, kusobala, futhi sifanele sikukholwe. KuyiZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu uyakudinga. Sinophumo, futhi. Sonke siyakwazi lokho. UIsrayeli wayemasha eya ezweni elithenjisiwe, kanjalo noMlobokazi uyoya eKhaya lakhe, masinya impela.

35 Manje siyathola, igazi laliwuphawu, futhi—futhi lakhonjwa. Wonke umuntu wakhonjwa yigazi.

36 UMoya oNgcwele uwuPhawu lwethu, namhlanje, ukusikhomba ngawo, noJesu Kristu, ekuvukeni kwaKhe. IGazi libhecwa ngokukholwa.

37 Isithako semvelo seGazi sasingenakuzifafaza zonke izinhliziyo, siyakwazi lokho, ngoba lachitheka eKalvari. Labhukudisa umhlabathi. Kodwa phandle, ngenkathi lelongqamuzana leGazi lephulwa, ladedela uNkulunkulu, ngamandla angcwelisayo iGazi elalinawo, ukubuyela kwabakholwayo.

38 UNkulunkulu, ekuqaleni, wayenguNkulunkulu, uYise, Owayephila ngaphezu kwabo bonke.

39 Njenge—ngeNsika yoMlilo nje eyahola abantwana bakwaIsrayeli bedabula ehlane, Wehlela phezu kwentaba. Uma noma ubani ethinte intaba, ngoba, ufanele abulawe. UNkulunkulu ungcwele, futhi Angexolele isono nangayiphi indlela. Nomuntu othinte leyontaba wayefa, ngisho nesilwane sasibhokodwa. Ngenkathi uNkulunkulu ehla, Wayengcwele.

40 Manje-ke uNkulunkulu, ezehlisa, uyehla futhi wenziwa ngesimo soMuntu, esasikwazi "ukuMphatha, siMthinte," iBhayibheli lasho. Kulelongqamuzana leGazi elincanyana!

41 AmaJuda amaningi lifuna ukuba lithi WayeyiJuda. Abaningi bethu ufuna ukuba athi WayeyiJuda. Wayengesilo iJuda futhi engesuye oweZizwe. WayenguNkulunkulu. WayenguBukhona obunokudala, ngesandla sikaNkulunkulu usomandla. Wadala itabernakele Ayehlala kulo, esilazi njengeNdodana kaNkulunkulu. Kunjalo. Ubunkulunkulu, ubunkulunkulu obuphakeme bukaJesu Kristu, ngoba uNkulunkulu wayehlala kuYe.

42 UPetru wathi, "Madoda akwaIsrayeli; uJesu waseNazaretha, iNdoda eyenza yaziwa nguNkulunkulu, ngezibonakaliso nezimanga, nimthathe ngezandla ezimbi futhi naMbethela. Sasingofakazi bokuvuka kwaKhe," ngenkathi uMoya oNgcwele wayethululwe phezu kwabo.

43 Manje siyathola, ukuthi kulento enkulu, ukuthi, njengoba uNkulunkulu wayeZibandakanya noIsrayeli emuva lapho, futhi edinga leyonkomba.

44 Manje siyathola lapha, amaJuda ayengathi, ayengahle athi, “Awu, manje, awume kancane nje. Ngiyi . . . NgiyiJuda. Ngi—ngisesivumelwaneni sikaAbrahama. Ngisokiwe.” Isivumelwano sasine, sasichithwa, uma uphawu lwalungaveziwe obala. Kucabangeni lokho! Ngikhuluma ngoPhawu lwalolusuku. Uma lelogazi lalingaveziwe obala, lolophawu, angikhathali ukuthi wawungabonisa kangakanani ukuthi wawuyiJuda, ukuthi wawusho kangakanani ukuthi wawukholwa. Ungahle ukuba wawukade ungurabi, umpristi, kumbe noma yini, kodwa lolophawu lwalufanele lubhecwe. Kungekho ukungena noma ukuphuma, uyebo noma uqhabo; aze Abone igazi, Wayedlula.

45 Abanye abafo babengahle bathi, “Buyela eceleni lapha. Ngingafakazisa ukuthi ngasokwa nginezinsuku eziyisishiyagalombili. Umpristi unerokhode lakho. Igama lami lisencwadini phezulu lapho.” Lokho kwakungahlangene nokukodwa nakho. U—uphawu lwaluyi . . . Uma uphawu lwalungabheciwe, isivumelwano sasichithwa. Sasingenamsebenzi.

46 Sifanele sikhumbule okushiwo nguNkulunkulu. Akahoxisi neze, kodwa Uyenezela kukho. “Abasendulo, niyabezwa bethi, ‘Ungaphingi,’ kepha Mina ngithi kini, ukuthi obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye vele.” Akahoxisi neze; Uyenezela kukho. Uyakhulisa. Yilokho Akwenzayo. Konke okwemisebenzi yaKhe, Ukukhulisa ngokuqhubekayo.

47 Yilapho esihamba khona sisuka onyakeni webandla owodwa, sisuka kuLuther, singene kuWesley, singene kwiPhentekoste, futhi siqhubeke njalo njalo njengoba sihamba. Njengoba siqhubekela phezulu, uNkulunkulu ngokuqhubekayo ekhulisa iZwi elifanayo, lokhu lihamba nje kanjalo, kuze kuthi ekugcineni ibandla liyongena emfanekisweni kaJesu Kristu, eliyoba nguMlobokazi waKhe Ayoliyisa eKhaya, kunjalo, into esiyibhekile namhlanje. Impela, siyaqonda ukuthi ibandla liyodlula khona ekuhluphekeni, kodwa uMlobokazi angeke. Uyokhishwa ebandleni, njengoba nje—njengoba uIsrayeli wakhishwa eGibhithe. Siyathola manje ukuthi uMoya oNgcwele waba yiWo manje osibandakanya noJesu Kristu.

48 AmaJuda ayengahle athi, “Yebo, singamaJuda esivumelwano.” Kodwa uma ayengenalo uphawu, isivumelwano sasingenamsebenzi.

49 Into efanayo manje. Akunandaba ukuthi silunge kanjani, akunandaba . . . Ubungahle uthi, “Awu, ngi . . . ngenze *lokhu*, futhi ngenze zonke lezizinto. Futhi ngikhokhe izishumi zami. Ngisonte esontweni, futhi ngenza konke *lokhu*.” UNkulunkulu udinga uPhawu, khombisa ukuthi ubandakanywe noMhlatshelo wakho, Lowo ozisho ukuthi unaye, Lowo okholwa ukuthi unaye.

50 UPetru wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa

kwezono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu nesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

51 Ubani lowomuntu onesono oyoguqula Lokho, futhi athi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule"? Ubani oyokwenza lokho, futhi athi iZwi likaNkulunkulu lalinephutha na?

52 Ngenkathi Ethi, "Obiza iGama leNkosi! Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Uyogxiviza uPhawu phezu kwabo.

53 Lokho kwenza umehluko phakathi kokholwayo nongakholwayo. Kwakukhona labo ababebekwe uphawu nguMbuso kaNkulunkulu, nalabo abaphawulwe ngophawu lwesilo, nalabo owaphawulwa ngophawu lwesilo babengenakuluthatha uPhawu lukaNkulunkulu. Into efanayo iyangena namhlanje, futhi siyibona ngqo phambi kwamehlo ethu uqobo.

54 Akunandaba ukuthi ulunge kanjani, ukuthi usho kangakanani ukuthi uyikholwa, uNkulunkulu wadinga uPhawu. Waludinga eGibhithe. Uyaludinga kulobubusuku. Uyaludinga kulobubusuku. Kuselokhu, uPhawu lusadingeka kakhulu impela nje kulonyaka njengoba lwalunjalo ngalowonyaka. Angikhathali uma wawuyisitshudeni seBhayibheli, ukuthi ungayichaza kahle kanjani imiBhalo; uSathane angenza into efanayo. Kodwa, khumbulani, lokho akuhlangene ngalutho nalo. UNkulunkulu udinga into eyodwa, lolo wuPhawu. UPhawu lukhombisa ukuthi ubandakanywa noMhlatshelo wakho ozisho ukuthi uyawukhonza. Amen. Yilokho.

"Nxa Ngibona igazi," noma uphawu, "igazi liyakuba wuphawu; futhi Ngibona igazi, Ngiyakudlula kini."

55 Ukufa kwase kulungele ukushaya iGibhithe ngaleyonkathi, noma ngasiphi isikhathi. Kwakungesikhulu, isikhathi esikhulu kakhulu. UNkulunkulu wayebakhombise umusa, ngokukhombisa amandla aKhe, izibonakaliso. Babesalokhu befisa ukungaphenduki, nokungabheki emuva. Babengafuni lutho olunjengalolo. Babengakukholwa. Babengawukholwa umlayezo owawuqhubeka. UNkulunkulu wayebathumele umlayezo; abawukholwanga. Babesalokhu befuna ukuqhubeka ngqo ngendlela ababenza ngayo.

56 Umfanekiso nje ophelele wanamhlanje, into efanayo. Konke ukwenzeka kokomoya nazozonke izibonakaliso zokomoya kuyisexwayiso esivela kuNkulunkulu, ukuthi ikhona into elungela ukwenzeka, uma lesosibonakaliso sivela kuNkulunkulu. Uma senziwe ngumuntu, a—akukho lutho kuso. Kodwa uma sithunywe nguNkulunkulu! Noma ubani uyazi, wonke umuntu uyazi, ukuthi uNkulunkulu uthumela isibonakaliso, uma kuyisibonakaliso esingaphezu

kwemvelo, Uthumela uMlayezo unalesosibonakaliso. Ukwenza njalo, Akehluleki neze ukwenza lokho. Sibona izinto engesizo izibonakaliso zikaNkulunkulu, awu, manje-ke akuzukuba yilutho, ngoba uNkulunkulu akekho kukho. Kodwa uma uNkulunkulu ekukho, uMlayezo uzolandela lokho, nalowoMlayezo ufanele uvele emBhalweni. Lowo ufanele ube nguMlayezo wangokomBhalo. Ufanele ufike ube ngu ISHO KANJE INKOSI. Konke ukwenzeka kokomoya kuyisibonakaliso esivela kuNkulunkulu.

57 NjengoMlayezo nezibonakaliso zilandela, kulolusuku, njengoba kwenzeka ezinsukwini zezinye izinsuku esedlula kuzo, ngesikhathi seBhayibheli. Futhi asikho esinye isikhathi lesi ebesiyoke sibe khona kuze kube manje. Asikho esinye isikhathi loMlayezo obuyoke uze uvele kuze kube manje. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." UMlayezo ubungeke ubekhona kuze kube manje. Izwe lalingekho esimweni njengoba selize labakuso manje. Yileli ihora uJesu abengabonakala ngalo noma ngasiphi isikhathi.

58 Intombazane elele ingena, izama ukuthenga amaFutha. Lokho kungalesosikhathi ngenkathi uMlobokazi engena, nazo zonke ezinye zazo yashiywa lapha. Senake nacabanga ukuthi kwenzekani na? Zaqhubeka ngqo zishumayela futhi zicabanga ukuthi zazithola imiphefumulo ukuba isindiswe, nayo yonke into, futhi zazingakwazi. Zazingazi lutho ngakho. Ibandla liyoqhubeka, licabanga ukuthi imiphefumulo iyasindiswa, nayo yonke enye into, neBandla selivele (uMlobokazi) libekwe uphawu. Alikwazi! Impela. Yilokho impela umBhalo owakushoyo. UNowa wangena emkhunjini, noNkulunkulu wawuvala ngophawu ngaphandle. Qiniso. Nesikhathi siyofika lapho abesilisa nabesifazane beyokhala kuNkulunkulu, futhi bacabange ngisho nokuthi banokuthize, bebe bengenakho. Kunjalo impela. UmBhalo ukhuluma lokho.

59 Ngokunjalo, sifanele sikhumbule ukuthi uNkulunkulu u "yabekezela, engathandi ukuba kubhubhe namunye." Njalo Uthumela izibonakaliso zaKhe, izimanga zaKhe. Bese kuthi-ke uma Eselungela ukwenza noma yini, Wehlukanisa okholwayo kongakholwayo.

60 Qaphelani, manje-ke, ukuthi Ubahlinzekela kanjani abantu baKhe bezwe elithenjiswe. Bukani ukuthi Wabenzelani abantu baKhe bezwe elithenjisiwe lapho, ukuba aqiniseke ukuthi babengezukuxubana ohlobweni oluthize lwemfundiso egqamile. Wenzani na? Wathumela umprofethi kubo, uMose, enomlayezo, ekhomba iZwi likaNkulunkulu. Futhi, ukukhomba uMose, Wathumela iNsika yoMlilo eyalenga phezu kwakhe. Amen. Manje-ke, ukubanika isiqiniseko esiphelele, Udinge uphawu. Amen. Naso isithunywa, umlayezo, nokuqinisekisa, nophawu, isiqiniseko esiphelele ababefanele bangakhathazwa yilutho

ngaso. Akunandaba ukuthi zazingakanani izinhlupheko ezigadlayo, ukuthi wonke umuntu uthini, banamekwe ngophawu.

61 UIsrayeli ephuma eGibhithe, njengoba ngishilo emizuzwini embalwa edlule, ngumfanekiso woMlobokazi ephuma ebandleni. Ngenkathi uMose eqala inkonzo yakhe, uIsrayeli wabuthana ndawonye endaweni eyodwa, eGosheni, uqala ukukhuleka; ngoba bazi ukuthi ihora lase selisondele, ngoba babazi ukuthi into ethize yayilapho. Umkhululi wayesevele efikile. UNkulunkulu wayesebenza, enza izinto, ekhombisa Ayezokwenza. Bavela kuzo zonke izingxenye zeGibhithe, njengoba beyokwenza nje ngosuku lokuFika kwaKhe. Bayokhipha abantu eMethodisti, eBaptisti, kuyiLuthela. Bonke labo ababandakanywa kuKristu, ngoPhawu, uNkulunkulu uyobathatha kanye naYe uma Efika.

62 Siyafunda ngapha kumaHeberu, isahluko 10, ivesi 26, "Uma sona ngamabomu emva kokuba sesemukele ukwazi kweQiniso, akusekho uMhlatshelo ngesono, kodwa okwesabekayo, ukulindela okwesabekayo kwezahlulelo ezishisayo okuzakuqeda iphika nkani." Lokho ngukuthi, uma sikholwa ngokungesikho ngamabomu emva kokuba sesinokwazi kweQiniso, akusekho uMhlatshelo ngesono. Kucabangeni! Akunandaba ukuthi ucabangani enhliziyweni yakho, uPhawu lungeke neze lwabhecwa; uma uLwenqaba okwesikhathi sokugcina, khona-ke lungeke lwabhecwa. "Yena, ngokuba owona noma okholwa ngokungesikho ngamabomu."

63 Njengoba sibona izibonakaliso zokuphela ezinkulu, nezikhathi ezizayo, njengoba manje sinesithembiso seZwi! Onke amaZwi esithenjiswe wona ngaphambi kwesikhathi sokuphela, silele kuso ngqo manje. Ngisho nasekuphawulweni kwesilo, namahlelo ebuthana ndawonye, no—nokubusa kukaphapha kungena, nayoyonke into ngendlela impela okungayo nje. Izwe lilenga ngaleya, amabhomu ama atomu liseziphanyekweni. Futhi uNkulunkulu ukhuluma ngezinceku zaKhe, emabandleni, futhi ezidonsela ngaphandle, futhi ekhombisa izibonakaliso Athembisa ukuthi Uyozenza ngaphambi nje kokuFika kwaKhe. Sisesikhathini sokuphela. UPhawu luyadingeka. Yebo, mnumzane. Manje siyazi ukuthi lezozinto ziqinisile. Njengoba zazinjalo, zazingumfanekiso kuphela walokho esidlula kukho manje. Njengoba sibona lezizibonakaliso ezinkulu ziza esikhathini sokuphela, zisexwayisa, isikhathi sesisondele.

64 Ningoni ngamabomu. Ningabi ngabangalaleliyo ngamabomu. Uma kukhona into ethize kuwe, ethi, "Awu, manje, angiboni lapho engidinga khona uMoya oNgcwele. Ngingahle ngingaMdingi. Ngiyakholwa, ngenkathi ngikholwa, ngaMthola."

65 UPawulu wathi, kubantu ababuza lowombuzo, wathi, "Nimamukele yini uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?"

66 UMoya oNgcwele uluPhawu. Umuntu ukholwa nguNkulunkulu, lokho kuqinisile ngokwenele. Kodwa uMoya oNgcwele uyisiphiwo sikaNkulunkulu, uyinto ethize ehlukile kunokukholwa kwakho. Ukukholwa kwakho kuyakubheca, lokho kunjalo impela, kodwa uMoya oNgcwele ungufakazi. Sizobona, emizuzwini embalwa nje, ukuthi Usebenza kanjani, nokuthi kwenzekani, lapho esingaqiniseka khona, lapho esazi khona lapho esiqinisile khona, noma qha. Uyasexwayisa ukuthi isikhathi sesisondele.

67 Sifanele sithandane. Ngalesisikhathi, ibandla nekholwa kufanele kungahlukaniseki. Abakholwayo, abakholwayo bafanele bazehlukanise nazozonke izinto zezwe. Konke okungukungamesabi uNkulunkulu, okholwayo ufanele azehlukanise nakho.

68 Qaphelani, babengabuthani nje babendawonye ukuba bakhulume ngakho, futhi bathi, "Siyakukholwa." Babebuthana ndawonye ukuba babhece igazi. Bengezi, bathi, "O, impela, ngiyakukholwa lokho," baye ekhaya. Babefanele beze futhi babhece igazi, ukuze uphawu lubonwe; bangene phansi kwalo.

69 Lokho kunamhlanje. Siyahlala futhi sizwe uMlayezo ushunyayelwa. SiWufunda eBhayibhelini. Sithi, "O, yebo, ngiyawukholwa Lowo." Lokho akusikho okudingwa nguNkulunkulu. Akunandaba ukuthi uWukholwa kangakanani, nifanele nibe naWo. Bandla, phaphamani!

70 Melika, leli yihora lakho lokugcina! Ukwahlulela kulele esilinganisweni, ngaleya, kwalesisizwe. Uma uNkulunkulu ebengayeka lesisizwe sizedlulele nalokho esikwenzile manje, Ubeyobophezeleka ukuba avuse iSodoma neGomora, futhi axolise ngokubashisa abaqede. Kunjalo. Sizokhokha ngezono zethu. Senza into efanayo nabayenzayo eSodoma.

71 Futhi uNkulunkulu uthumele uMlayezo phansi ngayo impela nje indlela Enza ngayo eSodoma. Impela nje. Wathumela oyedwa ebandleni phandle lapho neqembu likaLoti; naseSodoma; futhi Wathumela kwabaKhethiwe, kanjalonjalo. Futhi wakufakazisa, ukuthi ibandla lihlezi impela esimweni elalikuso ngezinsuku zika—zikaLoti, njengoba uJesu wathi kuyobanjalo futhi. Bangani, kusezandleni zethu, sizokwenzani ngakho na?

Nithi, "Igazi ezandleni zethu na?" Yebo.

72 Nicabanga ukuthi uOswald wacabangani ngenkathi ehlezi kulelokamelo, ngolunye usuku, ngokuthatha igazi lendoda engumfo wakubo, edubula uMongameli ngokumbulala ngamabomu na? Futhi wayehlezi lapho, azi ukuthi wayefanele abhekane naleyonkantolo yenhlangano yamazwe, ngenkathi

leyoNkantolo eNkulu imbuka, ngamehlo athukuthele, azi ukuthi ezandleni zakhe kwakuyigazi likaMongameli waseUnited States. Wayesebhokisini lomjuluko.

73 Bekufanele kwenzeni kumuntu, uma wazi ukuthi unyathele phezu kweGazi likaJesu Kristu, futhi wala ukukwenza na? Uhlezi ebhokisini lomjuluko. Akusikho ukuthi uyokwehlulelwa yiNkantolo eNkulu kuphela; nguNkulunkulu othukuthele ongalahla umzimba, bese ephosa umphefumulo esihogweni. Yima! Buka! Lalela! Naka! Sinyathela phezu kwaKhe nje, kalula, futhi sicabanga ukuthi Uthanda kakhulu.

74 Umfo osemusha wathi, ngolunye usuku, "UNkulunkulu ungithanda kahle kakhulu!"

75 UNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo, yiqiniso lelo, kodwa UnguNkulunkulu wentukuthelo, futhi. UnguNkulunkulu wokwehlulela. UnguNkulunkulu wolaka. Siyehluleka ukukuthola lokho. NiMenza abe ngolungileyo kakhulu nize niMenze omunye umkhulu omdala ototosanayo. Akasuye umkhulu ototosanayo. UnguNkulunkulu usomandla, futhi Akanabazukulu. Unamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, akaxhawulanga nokungeniswa ngesimo sobuntwana. Ufanele uzalwe ngokusha, neGazi libhecwe! Ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Hhayi omunye umkhulu omdala othambile, adedele izingane zaKhe zizedlulele, abazukulu bazedlulele nanoma yini. Akasuye umkhulu. UnguBaba. Yebo, mnumzane. Wonke umntwana ufanele azalwe nguYe. UnguBaba wokuqondisa.

76 Siyazi ukuthi lelihora lilapha, nezahlulelo sesisondele. Sizokwenzenjani ngaLo na? Ngingakuzonda ukuba neGazi laKhe phezu kwami. Yinye kuphela indlela obungake uze uLisuse ngayo kuwe.

77 Ungeke waLigeza ulisuse. UPilatu wakuzama lokho. Wazama ukubalekela icala aliyise komunye umuntu, wayesethi, "Mthumeleni ngale kuKesari, kumbe noma omunye onjalo, futhi nibone ukuthi wenzani." Kwabuyela kuye. Kwawela ngqo kwabuyela emathangeni akhe futhi. Kunjalo!

78 Futhi, namhlanje, sizama ukuthi, "Bengingakwenza, uma umyeni wami! Ya, bengingakwenza, uma umkami! Bengingakwenza, uma ibandla lami!" Kuyabuya, kubuyela ngqo kuwe futhi. Uma uthi, "O, awu, ibandla lami liyakukholwa lokhu." Kodwa uma uJesu Kristu ehla kulemihlangano futhi azikhombe Yena emBhalweni, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade; angikhathali ukuthi ukuhumusha kwakho kuyini, Libuyela ngqo emathangeni akho, futhi Lisezandleni zakho. Akukho-nto, bafowethu nodadewethu, eningayenza.

79 Bangani, khumbulani lokhu, nina baseCalifornia, nisekugcineni koGu lwaseNtshonalanga lapha. Nempucuko ihambe nakho, nawo onke amafuhlufuhlu aphephetheka

angene. Futhi, into elandelayo, Lizoya kwaIsrayeli uma iBandla selikhushulwa. Thathani isixwayiso! Yinye kuphela indlela ongathola ukususa ngayo iGazi likaJesu Kristu ezandleni zakho, ngukuLifaka enhliziyweni yakho. Indlela eyodwa kuphela. Alisoze lasebenza ngenye indlela. Wathi, "Nxa Ngibona iGazi, uma libhecwa endaweni efanele!"

"Awu," wena uthi, "Ngiyalikholwa iGazi."

80 Ukuba-ke babekade belichithe ngaphandle egcekeni elingemuva na? Ukuba-ke babekade belibeke endlini yezinkukhu na? Ukuba-ke babekade belichithe egaraji na? Qhabo. Lalifanele libhecwe endaweni ethize eyodwa, leyo yayisekhothamo.

81 Enhliziyweni, yilapho uNkulunkulu afuna khona iGazi, namhlanje. Hhayi ezandleni zakho, kodwa phezu kwenhliziyo yakho, uNkulunkulu uyaLifuna.

82 Futhi Lisezandleni zethu, namhlanje. Uma ningakaMemukeli, futhi nafaka uPhawu enhliziyweni yenu, Lisezandleni zenu. Inkomba yaKhe yomBhalo waKhe, ngalolu izinsuku zokugcina, uLibuyisela ngqo ezandleni zethu. Singamenzenjani loJesu othiwa uKristu na? Sizokwenzenjani ngaLo na? Into eyodwa kuphela, ngukuveza obala iGazi laKhe, ngokuLidedela libe senhliziyweni yethu, ngoMoya oNgcwele.

83 Thina, sinesibopho. Noma yimuphi wethu ongekho ngaphansi kwaleloGazi, uNkulunkulu akanasibopho ngakho, asikho ngisho nesisodwa.

84 Wonke umndeni wonke wawufanele uze, hhayi nje ilunga elilodwa. Uthi, "Awu, uma ubabayi eyindoda elungileyo, ungumshumayeli, ngizosindiswa." Qhabo, mnumzane. Uyihlo nonyoko omesabayo uNkulunkulu akahlangene ngalutho nawe. Wena ungumuntu ngamunye.

85 "Ngisonta ebandleni elingcwele, *lelo*bandla." Ibandla alihlangene ngalutho nawe.

86 Ayikho into ethiwa yibandla elingcwele. Ayikho into okuthiwa ngumuntu ongcwele. KunoMoya oNgcwele onabantu. UMoya oNgcwele ebandleni. Akukho-zintaba ezingcwele, akukho-zindawo ezingcwele; NguNkulunkulu ongcwele. Hhayi wena ungcwele, mina ngingcwele; nguYe Ongongcwele.

87 Sinesibopho kuYe, hhayi ebandleni. Sinesibopho kuNkulunkulu naseZwini laKhe, noNkulunkulu uyiZwi. IBhayibheli lathi Wayeyilo. Sinesibopho kuLelo. Lowo nguJesu Kristu.

88 Qaphelani ukuthi Wenzani ngaleyonkathi. Sithola ukuthi wonke umndeni wawuphephe kuphela uma uphawu lwalubheciwe. Uma uphawu lwalubheciwe, babephephile.

89 Bukani isahluko 2 sikaJoshuwa, tholani lapha ukuthi isifebe esikholwayo, esigama linguRahabi, isifebe sabeZizwe,

ngale ngapheshe ya komfula, ngenkathi bezongena ezweni elithenjisiwe, izinhloli zawela ukuyohlola. Wonke owomndeni wakubo wasindiswa phansi kophawu, lolo kuphela. Khumbulani, ingelosi kaNkulunkulu ebhubhisayo yaluhlonipha lolo phawu. Ngenkathi amabandla eshona phansi, imeya yawa, idolobha lashona phansi, inkosi yashona phansi, umbusi, abafundile, abesifazane ababukeka kahle, owesilisa obukekayo, abasemqoka, abenele konke, nayoyonke into yashona phansi eyayingekho phansi kwalolophawu. Amen.

90 Kuyobanjalo ekuFikeni kweNdodana kaNkulunkulu, ingelosi yaKhe ebhubhisayo iyobhubhisa yonke into ongenalo uPhawu lombhaphathizo kaMoya oNgcwele phezu kwabo, ukukhombisa ukuthi ubandakanyiwe, futhi wafa, wena uqobo, eMhlatshelweni wakho, futhi uzalwa eMoyeni kaNkulunkulu, futhi wanamekwa uphawu lapho ngoMoya oNgcwele. UNkulunkulu oyedwa kuphela, futhi UnguYe kuphela okhuluma iZwi elikahle, futhi Yilo Leli. Akekho omunye ongasusa noma yini kuLo. Qaphelani.

91 IJeriko lalizwile lokho uNkulunkulu ayekwenza. IJeriko lalilizwile izwi. Niyakhumbula ukuthi isifebe sathini, "Sizwile ukuthi uNkulunkulu wazenza kanjani izinto ezinkulu. Ngiyesaba. Nizongisindisa nje uma ngizokhombisa umusa kini na?" UJos- . . .

92 Futhi uKalebi no—no—noJoshuwa babebatshelile ukuthi abenzeni, ukuthi isetshenziswa kanjani lentambo ebomvu, futhi kuhlalwe phansi kwayo. "Asinasibopho ngomuntu oyedwa!"

93 Wathi, "Ngingamngenisa ubaba wami na? Ngingamletha umama wami na? Ngingabaletha abafowethu, odadewethu, omakhelwane bami na?"

"Letha konke lokho ongakungenisa ngaphansi kwayo."

94 Lokho kuyafana namhlanje, mfowethu. Akusikho ukuthi, "singawaletha amaMethodisti na? Singawaletha amaBaptisti na? Singawaletha amaPentecostal na?" Wonke lowo olungele ukuza ngaphansi kwaLo, uNkulunkulu uzokwemukela. Kodwa Lokho, futhi Lokho kuphela, kuzokubandakanya kuphela kanye naYe. Qaphelani. Yebo.

95 Amandla aKhe amaningi amakhulu nezibonakaliso Ayezenzile ezansi lapho, futhi bakubona futhi bazi. Kungani singeke saba nabesifazane nowesilisa, namhlanje, oqotho nje njengoba wayenjalo lowo wesifazane, uma sibona lokho uNkulunkulu athembisa ukukwenza futhi siMbona ekwenza na?

Khona-ke, into elandelayo, kufika ukwahlulela.

96 Bafanele ukuthi bakholwa ukuthi babe—babe . . . Bakholwa, bafanele ukuthi bakholwa ukuthi babephephile kulolodonga olukhulu lapho ababekhona, lapho ababekhona, umndeni

wabo omkhulukazi, indawo yabo enkulukazi. Abantu abaningi namhlanje . . .

97 Ngisho lokhu, ngokuthoba nokuhlonipha. Abantu abaningi, namhlanje, bathi, "Ngisonta ebandleni elikhulu kunawo onke elikhona emzini. Umama wami wayesonta kulelobandla. Lingelinye lamabandla amadala kunawo onke." Lokho akunalutho ongakwenza ngakho. U—uPhawu luzofanele lubhecwe!

98 Bangahle ukuba bacabanga, leyonto enkulu ababehlala kuyo, leyonqubo enkulu, eyayizobasindisa. Kodwa siyathola, yonke into eyayingalukhombisi lolophawu, yabhubha, emzini. Kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu; Isivele isho kanjalo.

99 Kungahle ukuba kwakukade kukhona abanye balabo bafana bamateyipu, noma omunye umuntu, owangena ngesinyelela endaweni esezansi lapho futhi wadlala amanye amateyipu kubo, noma okunye okuthize, futhi wathola abamiselwe ngaphambili. Wathatha konke okwendlu yakhe, futhi wayisebenzisela indlu yokukhonzela, futhi wemukela izithunywa.

100 Khona-ke ngenkathi bethola bonke, emzini, ababengeza phansi kwayo futhi bakholwe wuphawu, ngenkathi ethola konke okwakho phakathi lapho, khona-ke imbubhiso iyafika. Ngenkathi ulaka lukaNkulunkulu lubhubhise leyonqubo enkulu ababenayo ezansi lapho, isibonakaliso sophawu sabamba indlu yakhe yaphepha. Isibonakaliso sophawu, hhayi okunye.

101 Akunandaba ukuthi mingaki imiphakathi, nokuthi zingaki izinto ezinhle zesiPhambano esiBomvu ababenazo, okungukuthi kuhle konke, ukuthi kungakanani okwalokhu, nokuthi zingaki izinhlangano zozwelo, yonke into yabhubha eyayingekho ngaphansi kwalolophawu. Manje kucabangeni, yonke into yabhubha! Angikhathali ukuthi babenebandla elikhulu kangakanani, ukuthi lalilikhulu kangakanani ihlelo ababesonta kulo, kwakuyihlala-nkosi; yonke into yabhubha.

102 Futhi yabhubha kanjalo yonke into eGibhithe, eyayingekho ngaphansi kwalolophawu.

103 Manje, uNkulunkulu akaziguquli izindlela zaKhe. UnoPhawu namhlanje. Mfowethu, dadewethu, bekungcono uLwemukele. Kungcono ubenaLo. Khumbula nje, yisixwayiso.

104 Bukani, ukuphila okufanayo lokho uphawu olwakwenzayo, ne—nento efanayo u—uphawu olwayenzayo eGibhithe, lwasindisa yonke into eyayingaphansi. Yonke into eyayingenalo yabhubha.

105 UJoshuwa ungumfanekiso kaJesu. Okungukuthi, *Joshuwa* kuchaza ukuthi "Jehova-Msindisi," kanjalo u *Jesu* kuchaza ukuthi "Jehova-Msindisi." UJoshuwa wayeqinisile esibonakalisweni soPhawu izithunywa

zakhe ezazilushumayelile. Kanjalo uJesu uzoba neqiniso esibonakalisweni sophawu izithunywa zaKhe ezalushumayela, ngenkathi Efika. Wonke ongaphansi kwalo wasindiswa, eGibhithe. Wonke ongaphansi kwalo wasindiswa, eJeriko. Kuthiwani ngenamhlanje na? Siyathola, igazi lewundlu lalingumfanekiso kaJesu Kristu. Kulungile.

106 KumaHeberu 13, sithola lokhu, kubizwa lapho ngokuthi, "Isivumelwano esingunaphakade." UNkulunkulu wayenesivumelwano nabo. Kodwa iGazi manje liyisivumelwano esingunaphakade, iGazi likaJesu Kristu.

107 Izithembiso eziboshwe yiGazi likaNkulunkulu kusenza sikhululeke esonweni nakumina, kusenza sikhululeke kunoma yini yezwe. Akunandaba ukuthi sizama kangakanani ukukwenza ifeshini, izwe, konke kufile. Uma sisezithembisweni eziboshwe yiGazi likaNkulunkulu, asiboni lutho kodwa iGazi. Babengabuka kanjani phandle kulowomnyango bengabonanga igazi na? Ungabuka kanjani phandle noma yini ungabonanga kuqala iGazi likaJesu Kristu na? Uma ukuKristu, uyakubona Lokho, ukuba uMkhonze futhi uveze izithembiso zaKhe emandleni. Wethembisa lezizinto ukuba zifike. Abantu baKhe ababoshwe yiGazi bakuYe, banamekwe ngophawu phakathi Lapho ngoMoya oNgcwele, futhi babuka kuphela eGazini nesithembiso. Angeke babuke ezweni. Bafile ezweni, nezwe lifile kubo.

108 Futhi ukubona amaKristu, namhlanje, angenza noma yini lokho konke izwe elikwenzayo, aziphathise okwabo, athuke njengabo, aphuze njengabo, abheme njengabo, futhi agxile ezibayeni zezingulube zesono, namahholo omdanso, nezinto njengabo, futhi-ke abe esalokhu ethi angamaKristu na? Ungeke wakwenza lokho, mngani. Yingalesosizathu abantu bangeke bawakholwe aMandla kaNkulunkulu, ngeke bazikholwe izibonakaliso nezimanga, bavele sebefile kulezoziNto futhi ba—bavukile ngaphesheya ngaleya ezweni. Kodwa labo abafile ezweni, bavuswa kuKristu futhi babuka isithembiso saKhe.

109 I *Testamente Elisha* lichaza "isiVumelwano Esisha." UkuPhila kweGazi, ukuPhila kweGazi qobo lwaKho, kuwuPhawu. UkuPhila okuphuma eGazini kuwuPhawu. Khumbulani, eTestamenteni eLidala, igazi langempela lewundlu lalifanele libhecwe. Lapha, wuPhawu lweGazi; ngukuPhila *okuvela* eGazini, elikumuntu, ngenxa yoPhawu. O, he!

110 UPhawu olusha ngukuPhila okusha okufika ngoJesu Kristu, ngenkathi iGazi laKhe lichithwa, ukungcwelisa iBandla nokuLigcwalisa ngoBukhona baKhe, ukuze Abonakalise iZwi laKhe nezithembiso zaKhe kubantu.

111 "UNkulunkulu, endulo nangezindlela eziningi," amaHeberu 1, athi, "Wakhuluma kobaba ngabaprofethi, kepha kulolu usuku lokugcina ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu." Iyini iNdodana

yaKhe na? IZwi. "ULizwi wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu." Na *Lesi* yiSambulo, ukuphelela kukaKristu. "Oyokwenezela izwi elilodwa kuLo, noma asuse eliLodwa kuLo, okufanayo kuyothathwa, isabelo sakhe, siphume eNcwadini yokuPhila." Naso iSambulo. Sidinga kuphela uPhawu lube nathi ukwenza leloZwi liphile futhi. Waluthumelela lokho uPhawu. Kusinika isitatimende, kusinika lososítatimende, futhi siyazi ukuthi kuyiQiniso.

112 UPhawu olusha lukhombisa ukuthi uJesu uhlangabezane nasosonke isidingakalo sethu, futhi Ulapha, uPhawu olusha. UPhawu lukaMoya oNgcwele lukhombisa ukuthi siyazi ukuthi uJesu wafa ukusikhulula kuzozonke izinto zezwe, futhi uPhawu oluphezu kwethu luyakufakazisa ngokuqinisekisa lokho Akusho.

113 Manje umuntu angazisho kanjani ukuthi ubambe loloPhawu phambi kwakhe, futhi aphike okushiwo yileliZwi na? Alinjalo. Angeke libe njalo. UNkulunkulu angeke aqambe amanga ngeZwi laKhe uQobo.

114 Futhi ngoba Ulapha, sine—nelungelo kukho konke Asithengela khona. Qaphelani, lwaluzokwenzani uPhawu na? Ukuthenga. Luyinani elikhokhiwe. Uma unoPhawu, unelungelo ke ukuveza loloPhawu, kunoma yini Akuthengele yona. Futhi akekho ongakuthenga engenaLo. Kungathengwa kuphela ngoPhawu.

115 Khumbulani, uma uphumele lapha emzileni webhasi, uthi, "Lapha, ngiyakutshela, ngino—nginophawu olusho omunye umzila webhasi." Lokho ngeke kusebenze. "Nginophawu oluthi, ngivela eMaine, ngivela eNew Hampshire." Ngeke lusebenze eCalifornia. Ufanele ube nophawu lwalowomzila webhasi, ukuze uthenge. Lukhombisa ukuthi uthenge leyomali yokugibela kulelobhasi.

116 Futhi uma singaveza obala uPhawu lukaMoya oNgcwele, kukhombisa ukuthi semukeliwe kuKristu, nalolo wuPhawu lwethu ukuthi konke lokho esikudingayo sekuvele kuthengiwe nguYe. Sibandakanywa noPhawu lwethu. UPhawu lufanele lulungele.

117 IGazi, iGazi lesiVumelwano, alivunywa ngaphandle koPhawu. IZwi liyasiqinisekisa ngesithembiso. UPhawu luyisibonakaliso ukuthenga sesikwenzelwe.

118 Ukulalela okugcwele eZwini eligcwele likaNkulunkulu kusinikeza ilungelo oPhawini. Ayikho enye indlela ekhona, obuyoke ube nelungelo oPhawini, uze ulalele ngokugcwele iZwi. Hhayi omunye umuntu akufake kuLo, futhi wenezela kuLo; kodwa lokho uNkulunkulu akusho ngaLo!

119 Ngenkathi Ethi, "Ufanele uzalwe ngokusha." Lokho akuchazi ukuthi gxuma phansi-phezulu ealtare; lokho akuchazi

ukuthi hamba uye emuva lapho futhi uxhawulane nomelusi; lokho akuchazi bonke lobubuwula esibubonile benziwa; akuchazi khona ukufaka igama lakho encwadini yebandla. Kuchaza ukufa ebukhoneni bakho bokuqala, nokuPhila ebukhoneni bakho besibili. Kuchaza ukuthi iGazi libheciwe, futhi ubandakanywa ngokuPhila kukaJesu Kristu. Futhi uma Eba ngumVini, futhi thina siba ngamagatsha, ukuPhila okusegatsheni kusemVinini futhi. Kuyothela isithelo.

120 Uma lelogatsha lokuqala livela, lelogatsha eliphuma kulowomVini, elabhala incwadi yeZenzo emva kwalo; uma lelogatsha like laze lathela, umVini uveze elinye igatsha, bayobhala enye incwadi yeZenzo emva kwalo, ngoba ngukuPhila okufanayo. Uma owodwa wemivini yamagilebhisi akho phandle lapha uthela amagilebhisi al'hlaza sibhakabhaka, uma uveza elinye igatsha, uyoveza amagilebhisi al'hlaza sibhakabhaka.

121 Futhi ngiyakutshela, namhlanje, sinemivini eminingi kakhulu efakelwe kuWo, ngamahlelo nezivumokholo nezinto, futhi nokho noma yisiphi isithelo esisawolintshi esifakelwe singaphila, siphile kulowomVini. Kodwa sithela isithelo esingesiso.

122 Esikudingayo, namhlanje, ngomunye umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi sibenaMandla angempela kaNkulunkulu akhomba imisebenzi uJesu Kristu ayithembisela lolusuku, hhayi okuningi kakhulu njenga*lolo* suku. Lolusuku, isithembiso Asenza lapha. Kwakuyilokho Akwethembisa lapho, Wayezothulula uMoya waKhe. Manje Ukwethembisile futhi ezinsukwini zokugcina, nalokho Abeyokwenza.

123 Kuyaxaka, ukuthi singabuka emuva njalo, kodwa awulokothi ubuke phambili. Kungaleyondlela ngomuntu. Uhlala njalo esho, edumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenza, eMdumisa ngalokho Azokwenza, futhi enganaki lokho Akwenzayo. Lokho kuhlala njalo kuyindlela yomuntu. Kuseyinto efanayo.

124 Ukulalela okugcwele eZwini kuletha uNkulunkulu, iZwi eliPhakade, phakathi kuwe, futhi lolo wuPhawu. Uma iZwi liphakathi kuwe, LinguKristu phakathi kini.

125 Manje qaphelani ngenkathi, khona-ke, uma sikhuleka, uma sinoPhawu. Futhi uma sikhuleka, sinoPhawu, si... noma siveza uPhawu lwethu nomkhuleko wethu. Manje, uma ugula, uma uyisoni, uma usekudingeni, uma unoPhawu, unelungelo. Uma benginophawu emzileni webhasi, esandleni sami, bangeke bangivimbele kulelobhasi; bayemukele imali yami, futhi nginophawu. Kuloludaba, bengingeke ngiyikhokhe inkokhelo yami, ubungeke uyikhokhe, kodwa Wasikhokhela yona futhi usinika uPhawu. Amen. Nginelungelo ekuphilisweni ngokukaNkulunkulu; uJesu Kristu wafa ukuze ngibe nokuphiliswa ngokukaNkulunkulu. Nginelungelo ukubiza

zonke izithembiso kuleyoNcwadi. Nini, usithola nini na? Uma unoPhawu futhi ungalumela uPhawu nomkhuleko wakho. Uma ungenaLo . . . Isibonakaliso sokulalela okugcwele; imali yokugibela ikhokhiwe.

UPawulu uyasitshela, "IGazi liyakhuluma."

126 "'Igazi liyakhuluma,' sishilo na? Ngabe iGazi liyakhuluma na? Lingakhuluma na? UPhawu luyakhuluma na?" Yebo, mnumzane.

127 Uma besinga—besingabuka kuGenesisi 4:10, "izwi legazi lika Abela lamemeza kuKayini." Siyathola, kumaHeberu 12:24, ukuthi, "IGazi likaJesu Kristu likhuluma okukhulu." IGazi liyakhuluma! Singakhuluma kanjani isithako semvelo na? NgukuPhila, okuseGazini, okwenza ukukhuluma. Umphefumulo owawukuKayini owamemezayo, u . . . noma kuAbela. KwakungukuPhila okwakukuKristu okumemeza okukhulu kunoma yikuphi! Liyakhuluma, futhi Likhuluma kakhulu. NguMoya oNgcwele. Ukhuluma okusobala, Usitshela ukuthi isikhathi silapha. Uma sikubona lapho Athi kuyokusho, futhi manje-ke sikubona kubuya futhi kukhomba Akusho, khona, akukho okunye okusele kodwa ukuba siMkholwe, kunjalo, ukuMemukela.

128 Zikholwele, bese ubheca uPhawu futhi lomndeni, njengoba benza eGibhithe, nanjengoba benza eJeriko. IZenzo 16:31, siyathola, uPawulu watshela u—umRoma ukuba a, "Bhaphathizwe, ebiza iGama leNkosi," yena nendlu yakhe ukuba basindiswe ngokwenza into efanayo.

129 Gudlukani niphume! Abanye abantu ufuna ukubheca iGazi futhi ahlale phakathi. Bhecani iGazi bese nikhahlela yonke imfucumfucu iphume endlini, futhi nibe nesikhathi sokuhlanza indlu. Nina besifazane khumulani lezozikhindi. Wena silisa lahla labosikilidi; nani besifazane, futhi. Khiphani zonke lezizinto ezindala zenqubo lapha, ebizwa ngezwe. "Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, yingoba uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini." Uma senilungele ukubheca uPhawu, thululani bese niLulungela. "Ningeke nakhonza uNkulunkulu nomamona ngesikhathi esifanayo." Besifazane wozani . . .

130 Ngedlule nganqamula lelizwe. Ngenze iziphawulo ngoNkk. Kennedy, nokugunda kwakhe izinwele kukaJezebele, nakho konke kanjalo, nezinwele zakhe ezinkulu eziyizinkimbikimbi, nalaba besifazane. Ngiyamangala, uma uNkk. Kennedy wayeyizwile imiLayezo engiyishumayelile, wayengayeka izinwele zakhe zikhule, kudala. Kodwa nginqamule lelizwe, emuva naphambili, ngikhombisa ngeZwi, ukuthi kuyiphutha, nokugxekwa kwabesifazane ukuba bagunde izinwele zabo, nabesifazane bePentecostal bayaqhubeka, baqhubeka ngendlela efanayo. Angahle asukume ngosuku lokwaHlulela, engakwazi,

kodwa senazi kangcono. Kukhombisa ukuthi iGazi alikabhecwa. UPhawu alukho lapho.

131 Izinwele ezinde zi—ziyisifungo somNaziri. Kwakukhombisa ukuthi uzinqumile wena ezweni, ukuba ulalele iZwi. Amen. USamsoni wayekela izinwele zakhe zikhule, ngokwesifungo somNaziri. Manje thina siqonda lezizinto.

132 Nokugqoka kwabesifazane nokuziphatha nokwenza, nesilisa sibavumela ukuba bakwenze, esikhulu isigejane sezitabane! Kubonakala sengathi akusekho ngisho nobudoda. Ubona indoda ifake izicathulo eziphinki, na—nabashumayeli bese pulpiti, into efana naleyo. Lelo yihlazo. Ngithanda ukubona indoda futhi eyindoda ngokoqobo. Kubukeka sengathi kunamandla awaqhubayo okuba akwenze, ngudeveli nencindezelo yalolusuku. Kunjalo. Ngesinye isikhathi indoda isinda amaphawondi angamakhulu amabili, nezinkonyane njenga *lokho*, futhi kungekho ne awunsi lendoda kuyo; iziphathisa okwesinye isitabani esikhulu phandle lapha. Ngiyathanda, indoda mayibe yindoda. Abesifazane mababe nobufazane, mababe ngamanenekazi. Uma uPhawu lubhecwa, bayakufulathela lokho. UNkulunkulu wabenza behluka, futhi behlukile. Owesilisa ufuna ukubukeka njengabesifazane; abasifazane ufuna ukubukeka njengowesilisa.

133 Kukhombisa ukuthi kunempendukezelo, umoya omnyama olenga ngaphezulu, ubumnyama obuyisigayegaye phezu kwabantu. Yihora lokubizela ngaphandle. Kunobumnyama phezu kweGibhithe, ngaphambi kokubizela ngaphandle, khona-ke uphawu lwalubhecwa. Sekuyisikhathi sokuba ibandla lithole uPhawu, noma ubumnyama obuyisigayegaye buphezu kwabantu. Ubumnyama obuyisigayegaye!

134 Yebo, hlanzani ikhabethe, hlanzani lendlu, o, sinokuhlanzwa kwendlu okuyifeshini endala okuhle! IGazi malibhecwe, futhi manje-ke uPhawu luzongena. Ihlanzeni! Ingcweliseni!

135 Manje-ke bhecani uPhawu ngomkhuleko, ngokwethemba, uma usuzihlanze wena. Usк usukile entweni yezwe. Usukuthululele ngaphandle konke ukungakholwa. "Angikhathali ukuthi abantu uthini. Uma iZwi likaNkulunkulu likusho, futhi lakwethembisa, ngiyakukholwa. Uma iZwi likusho, lokho kuyakuxazulula. Angikhathali ukuthi noma ubani omunye uthini." Niyabo? Manje-ke uma usukwenze konke lokho, usubhece iGazi futhi ulikholwa lonke iZwi, khona-ke thatha uPhawu lwakho ngomkhuleko, ukholiseke ngokugcwele.

136 Sifunda kwa—kwabaseEfesu, isahluko 2 nevesi 12, mayelana nokuthi uNkulunkulu wathini ngakho, ngenkathi sibheca loluPhawu. Qaphelani, "sikhonza uNkulunkulu ophilayo," ngemisebenzi ephilayo, nangezibonakaliso eziphilayo, ngoPhawu oluphilayo. Kungesiyo imisebenzi efile, neyenyama, kungesiyo imisebenzi efile. AmaHeberu 9:11-14, ayasitshela

futhi, into efanayo. Kungesizo izivumokholo ezifile; kodwa uPhawu oluphilayo! Zona, lezizivumokholo, ziyaphika ukuthi ikhona into okuthiwa uPhawu. Abakholwa ngisho nokuthi ikhona into okuthiwa uPhawu, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

137 Kodwa thina esilikholwayo iZwi, sazi kangcono, siyazi, futhi nguBukhona baKhe obuphilayo bethu kulolusuku. Sehlukanisiwe nemisebenzi efile, noMoya oNgcwele uyangena ukuqinisa iZwi futhi ulenze libenjalo. AmaHeberu 13:8 ayakufakazisa lokho kithi, afakazisa ukuthi uNkulunkulu uMvusele thina, ngokweZwi laKhe elithenjisiweyo. Izinkulungwane zeminyaka yedlulile, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, cishe impela, yedlulile, kodwa (kuyini na?) uPhawu lusalokhu lubambile, ukuthi uNkulunkulu waMvusa ngosuku lwesithathu. Uma nje nineZwi, yilokho kuphela eninakho. Kodwa uma uPhawu lubhecwa, khona-ke uKristu ungubumpela kuwe, futhi Uyakwenza namhlanje njengoba Enza ngaleyonkathi. Futhi ngakho kukuphosa kukubuyisele emuva ngqo emathangeni abo futhi; abakwazi ukukuzungeza. UNkulunkulu wakwethembisa, futhi naKhu. Kodwa, uPhawu luzofanele lubhecwe, nithatha uPhawu.

138 Futhi uma—futhi uma nemukela iGazi laKhe lomhlatshelo, khona-ke Usinika ukuPhila, ukuPhila koPhawu, futhi wuPhawu olunamekwayo olwethenjisiwe. Kwabase-Efesu 4:30, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube usuku lokuhlengwa kwenu." Manje-ke, ngokubhaphathizelwa kuYe, kwabaseKorinte bokuQala 12, sibe yingxenye yoMzimba waKhe.

139 Futhi kuYe ngukugcwala. KuYe ngukwenela konke esikudingayo. Uyintokozo yami. UngukuPhila kwami. Ukungukujabula kwami. Ungokwami . . . Ungaphezu . . . Akusikho, angidingi ukuphafuza usikilidi ukuba ngithole uhlobo oluthize lokukhululeka. Ngithatha uMnduze wesiGodi. Uyisidambisi zinhlungu. Uyinto e—engenza ngihambe emafini. Ungokwenele konke kwami. Ungamathemba ami. Ungukuphumula kwami. UnguNkulunkulu wami. UnguMsindisi wami. UnguMphilisi wami. Uyikho konke engikudingayo. Ngoba, ngiyafa, sifela kuYe, futhi sibhaphathizelwa kuYe, futhi kuYe ngukwanela konke.

140 Lalelisisani ngisenza lesi iziphawulu zokuvala. Uma uSathane ezama ukukukhangeza okunye kwalezizinto, njengokugula, uyazi ukuthi wena wenzani na? Vele nje umkhombise uPhawu. "Ngingumkhiqizo osuthengiwe. Ukuphiliswa kwami sekukhokhelwe. Ngingumkhiqizo kaNkulunkulu, ngoba nginoPhawu lukaMoya oNgcwele. Ungeke wangivimba ungisuse kuloMgwaqo omkhulu. Ungeke wangivimba empilweni yami. Ngiveza uPhawu futhi ngikukhombisa ukuthi okwami . . . 'Ngemivimbo yaKhe

ngaphiliswa.' Nakhu ukuvuka kukaJesu Kristu, kukimi ngqo manje, ukukufakazisa kuwe." O, nanso into yangempela! Nanto uPhawu.

141 Yingalesosizathu abantu bengaLukholwa. Yingalesosizathu kulukhuni kubo ukuba babone phakathi. UPhawu alukaze lubhecwe. Niyabo, yingalesosizathu, bethi, "O, izinsuku zezimangaliso selwedlule." Nikwenzela impumputhe lokho.

142 UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke, futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; ongakholwa uyakulahlwa. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kuze kufikephi na? "Ezweni lonke, kukho konke okudaliweyo." "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka; noma baphuze okubulalayo, akuyikubanangozi kubo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Bhecani uPhawu, bese-ke nibiza okungamalungelo enu. Luzamazamiseni phambi kukaSathane!

143 Umshayeli webhasi uthi, "Awusho!" Indoda yebhanoyi ithi, "Awusho! Ungeke ungene kulebhanoyi."

"Nanto uphawu." Amen!

144 "Nimanikiniki kakhulu. Ani. . . Niyizindwangu. Nimpofu kakhulu. Asiyithathi indoda encane, indoda enkulu."

145 "Kodwa ngiphethe uphawu." Amen! "Ungeke wangivimba ungisuse kulo." Haleluya! "Uma benginika uphawu, lokho kuyakuxazulula."

146 Nginelungelo, njengoba bonke abanye babo benalo. Nginelungelo, ngokufanayo nje njengoba uPawulu wayenalo. Nginelungelo, elifanayo ukuthi noma yimuphi umuntu owake wabhaphathizwa ngoMoya oNgcwele. Nginelungelo elifanayo, ngoba nginoPhawu olufanayo, ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu ofanayo wangithengela ngeNto efanayo, ngosuku olufanayo, entweni efanayo.

147 Nakho lapho okhona, iGazi, iGazi! UPhawu, hhayi isithako semvelo seGazi, kodwa uPhawu, uMoya oNgcwele, ukuPhila okuphuma eGazini, okufikayo. Kwenzani lokho kuPhila na? Kuyafika futhi kuqinise lokho uPhawu oluthengelwe khona. UPhawu luqinisa lokho i—iGazi elakuthengela khona. IGazi lathenga ukuhlengwa kwakho. UPhawu lungubufakazi obubonakalayo baLo. IGazi, "Yalinyazwa ngeziphambeko zethu, yachotshozwa ngenxa yobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Niyabo, lonke iGazi, iGazi, iGazi! Bese kuthi-ke uma kufika uPhawu, Lukhombisa ukuthi nibandakanywe nalowoMhlatshelo. Amen! Udeveli angeke akuvimba kulo.

148 Lokho kungenkathi ngima emsamo lapha, ukuba ngibhekane nayo yonke into ekhona, nasemhlabeni jikelele, nodeveli. IZwi likaNkulunkulu lakwethembisa. Inqobo nje uma ngingahle ngazi ukuthi iGazi libheciwe, futhi ngibambe lowoMoya oNgcwele lapha enhliziyweni yami, udeveli akanalo nelilodwa izwi angalisho ngokuphikisana nakho. Yebo, mnumzane.

149 "Sizohamba lapho abaphostoli benyathele khona," yebo, mnumzane, ngoba uPhawu luyikhokhele indlela. UPhawu lungubufakazi obubonakalayo bokuthi indlela isikhokhelwe, futhi siLwemukele. Futhi, ukukufakazisa, uNkulunkulu wasipha uPhawu, isibonakaliso ukuthi semukelwa.

150 Umfundisi wathi kimi ngesinye isikhathi, wathi, "Mfowethu Branham, uAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga."

Ngathi, "Yiqiniso lelo."

Wathi, "Yini okunye futhi umuntu angakwenza ngaphandle kokuthi akholwe na?"

Ngathi, "Lokho kunjalo impela."

151 "Manje-ke umtholaphi loMoya oNgcwele, ngaphandle kokukholwa na?"

152 Ngathi, "Kodwa Umnika uphawu lokusokwa, njengokuqiniswa kokukholwa kwakhe." Amen.

153 Futhi uma Engakaze akunike umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, namanje, khona-ke Akakakuqinisi ukukholwa kwakho othi unakho. Kodwa uPhawu lungukuqiniswa.

154 Ngithi, "Nginemali, ngiyikhokhe eofisi ezansi lapho!" Kodwa uzofanele ukhombise uphawu. Kunjalo. Uma ngikhombisa uPhawu, nginelungelo.

155 Futhi uma ngingakhombisa uPhawu, lukaMoya oNgcwele, unelungelo kunoma yiyiphi into ethengiwe uJesu Kristu ayifela. WuPhawu. Bhekisisani umzuzwana nje, njengoba sivala. Bamba uPhawu phezu kokukholwa kwakho okungantengezeli eZwini elithenjisiwe. "Ngiyakholwa ukuthi uJesu wathi, 'Celani uBaba noma yini eGameni laMi, Ngolwenza.'" Bamba uPhawu lwakho phezu kwaleloZwi elithenjisiwe, bese uhamba uqonda kulo. "'NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu.' 'Yalinyazwa ngeziphambeko zami, ngemivimbo yaYo ngaphiliswa.' Ngithathe uPhawu lwami, lukaMoya oNgcwele okimi, ngiLubambe phezu komkhuleko wami, bese ngithi, 'Nkosi Nkulunkulu, Wena wakwethembisa, "Nxa Ngibona uPhawu, Ngiyakukuvuza. Ngethembisa ukukwenza."'" Angenze lutho olunye. Ubuka ngqo ngeGazi leNdodana yaKhe uQobo. Nanto uPhawu lubheciwe. Uzofanele akwenze ngoba Wakwethembisa.

156 Yayingenakungena endlini, ingelosi yokufa, umbhubhisi, bese ikhipha oyedwa. Yayingenakukwenza, ngoba kwakukhona igazi lewundlu, isidingakalo sikaJehova.

157 Nesidingakalo saKhe, namhlanje, yiGazi leNdodana yaKhe uQobo, uJesu Kristu, noPhawu lukaMoya oNgcwele.

158 AsinaLo; singahle sibe yiBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, amaPentecostal, noma singaba yini; singahle simemeze, sidazuluke; singahle sibe yi, o, sifundiswe kakhulu. Lokho akuhlangene nanokukodwa kwaLo. Nifanele niveze uPhawu.

159 Manje-ke, uyisikhonzi sokuvuka, ngoba aMandla avusayo asevele akuwe. UPhawu lungaMandla okuvuka, ekhombisa ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo. Nani nivuswa kwabafileyo, izinto ezifile zokungakholwa, futhi nenziwe naphila eZwini likaJesu Kristu. Niyakukholwa neZwi liphila ngani.

160 "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo." UJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza; emikhulu kunalo uyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba." "Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini." Wakwenza kanjani na? Hhayi umzimba; uhlezi ngakwesokunene soMkhulu. Kodwa uPhawu, ukuthi niMemukele, futhi ULubuyisele kini, thathani loloPhawu bese nibiza noma yini eniyifisayo. UNkulunkulu wakwethembisa.

161 Bengihlala njalo ngisho, ngahlangana nezigaba ezimbili zabantu: abaqavile, namaPentecostal. Abaqavile, ngokwendawo eyiyonayona, utadisha imiBhalo bese ewucabangela. Bathi, "Awu, singamadodana kaNkulunkulu." Bayakukholwa lokho, yebo, mnumzane, kodwa abanakukholwa ngakho. Kodwa amaPentecostal linenqwaba yokukholwa, futhi awazi ukuthi angamadodana kaNkulunkulu. Njengendoda enemali ebhange, ingakwazi ukubhala isheke; nenye iyakwazi ukubhala isheke, ayinamali ebhange.

162 Uma nje beningake nize nihlanganise into ndawonye, kuze kuthi abesilisa nabesifazane bakwazi ukuqonda! Wena obhaphathizwe ngokweqiniso kuMoya oNgcwele, futhi unoPhawu ukuba uluveze obala, unelungelo kuzo zonke izithembiso ezinokuhlenga uNkulunkulu azethembisa. Yonke into Ayethembisa, ingeyakho. Bamba uPhawu lwakho phezu kokukholwa kwakho okungantengezeli, njengoba ukhuleka, naphezu kweZwi laKhe. Ukukholwa eZwini laKhe!

163 UNkulunkulu wake wanikeza uPhawu kubantu, nalolo kwakuluthingo lwenkosikazi. Bukani, lalelisisani; siyavala. UNkulunkulu wahlala njalo eqinisile kulolophawu. Emuva le ngezinsuku zikaNowa, ekubhujisweni kwezwe lasemandulondulo, uNkulunkulu wanika lesisizwe, noma unika izwe, isibonakaliso sothingo lwenkosikazi, sibe wuphawu. Futhi

uNkulunkulu uluveza obala njalonjalo uphawu lwaKhe, lapho izinkulungwane zeminyaka zigingqigingqika. Akehluleki neze, ngoba Ubhekisisa izimpawu zaKhe. Zonke lezizinkulungwane zeminyaka, UbeLuveza obala kithi, esikhombisa ukuthi Akehluleki neze ukuhlonipha uphawu. Akehluleki neze ukuluhlonipha.

164 Ubheke thina manje ukuba siluveze obala uPhawu phezu kokukholwa kwethu, eqenjini likaSathane, nabangakholwayo, nezinkoloze, kanjalonjalo, abangakholelwa kuLo; ukuthi thina sikholwa Akushilo kwezithembiso zaKhe, nokuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo, ezikhombisa Yena uqobo ephila. NaLelo yibheji, uPhawu lwenkomba, ngoba ngukuPhila kukaKristu uQobo kini, kukhomba iZwi. Akudingi lutho olunye.

165 Lolo wuPhawu. Ngaphandle koPhawu...Lukhombisa ukuthi imali yokugibela ikhokhiwe! Lukhombisa ukuthi uyisikhonzi sokuvuka! Ukuthi uNkulunkulu, lawoMandla afanayo avusa uJesu ethuneni, uwabambe phakathi kwakho uqobo, njengoPhawu. UMoya oNgcwele, phakathi kuwe, uluPhawu olukuletha lukususa ethuneni. Ngoba, uPhawu nguNkulunkulu, uMoya oNgcwele, ongukuPhila okuPhakade. Kuvela egameni lesiGreki, *Zoe*, okusho "ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo" kuwe. Futhi yileyonto kuphela ekhokha inani. Uma loloPhawu lungekho lapho, uzovuka kanjani na?

166 Mfowethu, dadewethu, kulobubusuku, ngabo bonke ubuqotho kuNkulunkulu naseZwini laKhe, nakomunye ngamunye, nasesikhathini esiphila kuso manje! Uma ungaphandle koPhawu, uma ungenalo uPhawu; abanye benu bangahle bangaLukholwa ngisho, kodwa Lulapha. UPhawu belulapha selokhu uKristu afa. Awuzibandakanyi ngani, ekufeni ekucabangeni kwakho uqobo, kulobubusuku, bese udedela imicabango okuYe ube kuwe na? "Ukuzindla kwenhliziyo yami makwemukeleke kuWe, O Nkosi. IZwi laKho mali..." "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini," lowo nguYe, "khona-ke celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona." Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

167 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

168 Bangaki abantu phakathi lapha owaziyo, ukuthi indlela eniphila ngayo, ukuthi ngempela aninalo loloPhawu lubheciwe, niyazi ukuthi aLukho lapho na? NiyaLukholwa, niLukholwa ngokoqobo; kodwa aninaLo, niyazi ukuthi aninalo na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham"? Onke amakhanda mawabheke phansi. UNkulunkulu anibusise.

169 "AnginaLo. Anginalo, Mfowethu Branham. Ngazama ukuLwemukela. NgiyaLukholwa, kodwa ngempela

Alukabhecwa kimi namanje. Ngibuka eglasini, ngiyabona ukuthi angikho lapho. Ngibuka indlela engi—ngizwa ngayo, okusemphefumulweni wami, ngigcwele ulaka, ukuthukuthela, nginomona. Nginakho konke . . . " O, he! Lokho bekungadabukisa uMoya oNgcwele kuwe, khona manje. Niyabo? Niyabo?

170 "Futhi ngiyakutshela, ngi—ngi—ngiyakwenza, ngibona iZwi futhi ngilibona Liqiniswa; kodwa nokho ngi—nginesigejane nje sabantu engihamba nabo, ukuya ebandleni lami, noma umphakathi wami, iphathi yami yamakhadi, noma okuthize. Angikwazi nje ukukuyeka."

171 Lokho kukhombisa ukuthi awunalo uPhawu. "Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alu . . . " "Phumani phakathi kwabo," iBhayibheli lathi, "ningathinti okungcolileyo kwabo."

172 Bangani, kungeke kwenziwa kwaba yikho ngempela ukwedlula okuyikho manje. Kungeke. UPhawu lulapha, uma sizoLukholwa. NiyaLukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NizoLwemukela. Kulungile.

173 Nkosi Jesu, basezandleni zaKho manje. Kwangathi uPhawu, uPhawu, ukuthi uJesu akafile; uPhawu, ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo futhi ulapha kulobubusuku. UwuPhawu lokuvuka kwaKhe. Yena uqobo lwaKhe uyiZwi. Ulapha ukuqinisa yonke into Ayisho. Ulapha ukuqinisa zonke izithembiso Azenza. Ukuba abantu kuphela nje bebengakubona kanye, Nkosi, ukuthi akusiyo into ebesingaqagela ngayo. Yinto esifanele siyazi, Nkosi. Akukho "ukuphind'uzame," ungeke wabuyela emuva uphind'uzame futhi. Kufanele kwenziwe manje. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi wonke umuntu uzoMemukela, kulobubusuku, futhi kwangathi uPhawu lweGazi lungabhecwa kuyo yonke inhliziyo. Futhi manje-ke kwangathi kungabakhona imvuselelo efika ngalelizwe lapha, ezoba nkulu. Baba, sikunikela ezandleni zaKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

174 Manje sisesemkhulekweni, wonke umuntu akathule ngempela, akunganyakazi-muntu manje, umzuzu nje.

175 Niyakholwa ukuthi leli yiQiniso, ukuthi uPhawu luzofanele luvezwe obala na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lwaluvezwa, ngazozonke izikhathi, yonke iminyaka, Lwalufanele luvezwe obala.

176 Manje, yini uPhawu, ngukuqinisa kweZwi laKhe. Lolo, olukhombisa ukuthi UyiZwi. Manje, iZwi lathi Wavuka kwabafileyo, futhi Uphila kuze kube phakade. Uphila kubantu baKhe, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma nikukholwa lokho, khona-ke ninelungelo; uma ninaloloPhawu, uMoya oNgcwele, phakathi kini, ninelungelo kuyoyonke into ukufa

kwaKhe okwanithengela yona. Ningekukholwe na? Manje bukani, ngakho . . .

177 Manje, kulobubusuku, besingezukukhulekela abagulayo, kulobubusuku. Sizokwenza lokho kusasa ntambama. Kodwa si— si, kulobubusuku, besizokwenza lokhu ukubizela ealtare.

178 Lapha, bangani. Uma wake waphiliswa, uma uphila isikhathi eside ngokwenele uzobuye ugule futhi. Kodwa uma uke wathatha loloPhawu, ubuyoba naLo kuze kube phakade. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube luSuku lokuHlengwa kwenu." Hhayi kuya emvuselelweni elandelayo; anibekwanga uphawu; nathola ukusetshenzwa ngokwamadlingozi. "Kodwa nifile, nokuphila kwenu kufihliwe kuNkulunkulu, ngoKristu, futhi nibekwa uphawu ngoMoya oNgcwele." Uma nike nabhaphathizelwa kulowoMoya oNgcwele! Manje, ningahlubuka, yiqiniso lelo. Kodwa ningeke nadeda kuloloPhawu olunamekwayo. Nibekwe uphawu phakathi kuLo.

179 Manje uma ningenalo loloPhawu olunamekwayo, asibe qotho ngempela. Sinendawo elungisiwe lapha, futhi, yawo wonke umuntu, singamemukela uMoya oNgcwele. Futhi uma Ephilisa abagulayo . . . Wakubekelani lokho phezu kwenhliziyo yami pho ukwenza lokhu na?

180 Manje, lowoJesu ofanayo, owavuswa kwabafileyo, ukhona lapha manje. Manje lalelani. IZwi lingesho into eyodwa bese lichaza enye. Wathi, "Lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, lapho Ngikhona phakathi kwabo." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

181 Manje bukani phezulu ngapha, njengoba nenza. Bangaki phakathi lapha ogulayo, phakamisani izandla zenu. Thanini nje, "Ngiyagula, ngiyadinga, noma ngi . . . " Anidingi ukuba nigule. Thanini nje, "Nginokudinga uNkulunkulu. Mfowethu Branham, nginokudinga uNkulunkulu, ngokuthize. Ngi—ngi— ngiyakholwa ukuthi uJesu ulapha."

182 Manje bambani uPhawu lwenu phezu kwalesosifiso ngqo. Manje ake nginitshele, ngeZwi laKhe, A—Angehambe ngokuphikisana naleloZwi. Usevele usithengile isifiso senu, uma singokwentando yaKhe. Nentando yaKhe ingukuba aphilise. Intando yaKhe ingukuninika isifiso senu. "Akayikubagodlela okuhle labo abahamba ngokuqonda phambi kwaKhe," beveza loloPhawu.

183 Manje, niyizihambi kimi. Kodwa, umzuzwana nje, ukuze nibone. Manje nampa abefundisi behlezi emva kwami, abantu macala onke. Kukhona ukukholwa nokungakholwa lapha, kuhlala njalo kungaleyondlela. Ningakuzwa kungena. Kodwa wugcobo lukaMoya oNgcwele, nalowoMoya oNgcwele uyiloloPhawu. UyiloloPhawu.

184 Manje, anidingi ukuba nikwenze. Wonke umuntu wayengesuye uMose; kwakukhona uMose oyedwa, kodwa abantu bayakulandela. Manje kukholweni nje lokhu, ukuthi Uyaphila namhlanje. Ulapha njengofakazi. Manje ngamunye wenu unokuthize enhliziyweni yakho. Khulekani.

185 Manje, ukuba Ubelapha, ubuyothi, "Nkosi Jesu, Uzongiphilisa na?" Ubeyothi, "Sengivele ngikwenzile." Niyabo, Ubengeke akwenze futhi. Usevele ukwenzile, kodwa nje Ufuna nina ukuba nikukholwe.

186 Manje, Wethembisa, ngezinsuku zokugcina, ukuthi uNkulunkulu akwenza enyameni yomuntu, ngaphambi nje kweSodoma, ukuphela kwezwe labeZizwe, kwakuzophindwa futhi. Wakwethembisa lokho. Manje Uzosigcina lesosithembiso na?

187 Wethembisa, uMalaki 4, ukuthi Wayezokwenza lokhu, futhi abonakalise iZwi laKhe, "ukuphendulela izinhliziyo zabantwana zibuyele koyise futhi," zibuyele eZwini lephentekoste lasekuqaleni, elangempela, iZwi leBhayibheli. Hhayi i . . .

188 IPentecostal, ayasho, inhlangano yamaPentecostal, "Ayikho into enjengaleyo."

189 IPhentekoste yisehlakalo, hhayi inhlangano. Bazama ukuyihlela, kodwa ungeke, uyabo. Ayihleli. IPhentekoste yisehlakalo, IwuPhawu lukaNkulunkulu olunamekwayo, uMoya oNgcwele ofika ngoSuku lwePhentekoste.

190 Manje kholwani. Bhekani ngapha futhi nikholwe ukuthi nginitshele iQiniso. Futhi uma Ezozibonakalisa Yena uqobo; angazi noma Uzokwenza noma qha. Kodwa, uma Ezokwenza, lokho kuzokhombisa lokho, uPhawu engikhuluma ngalo, ukuthi iGazi libheciwe, noPhawu lulapha ukukhomba ukuthi leloGazi liqinisile, ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, lokho, kanjani, bekungacaca kakhulu kangakanani na? Niyabo? Lukholweni nje.

191 Mfowethu, dadewethu, nabangani, eGameni likaJesu Kristu, Lukholweni, ngenxa yomphefumulo wakho nangenxa yabanye. Anisoze naba nelinye ithuba.

192 Ukuba uNkulunkulu wayekhulume kimi emuva ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi ngisengumcabango emqondweni waKhe, naninjalo nani, ukuba Wayethe, "Yimuphi unyaka owawungafuna ukuphila kuwo na?" Ngangiyothi khona manje. Yiwo lo, isikhathi esihle kakhulu ukwedlula zonke esikhona.

193 Kholwani, ningeke na? Manje, ukuze nazi ukuthi uJesu Kristu uyaphila. Manje nje, enhliziyweni yenu, khulekani, bese nithi "Nkosi, UngumPristi oMkhulu onokuzwelana

nobuthakathaka bethu, futhi ngikholwa ukuthi UwuPhawu. Manje khuluma kimi, ukuze ngiphiliswe."

194 Omunye, futhi angene ezigabeni, sengathi, ningabona ukuthi kuphi, ukuze ngingezukudingeka ukuba ngiphendukele emuva naphambili, *ngapha*. Niyaqaphela izikhathi . . .

195 Niyabo, umbono, uma ubona umbono, uzofanele uhunyushwe, nawo. Uyajikiswa. Ngakho, ngakho ngesinye isikhathi uma unamakhulu edonsa, ungavele nje . . . futhi kuzofanele nje ukhethe ngamunye.

Manje, wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela imizuzu embalwa nje.

196 Manje-ke, lokho kuzofakazisa. Uma umuntu esho noma yini, no—no—noNkulunkulu engayesekeli, awu, khona-ke ibingebe nguNkulunkulu. Kodwa uma uNkulunkulu eyesekela, khona-ke unaYe ukuba ukhulume kuye, ngalokho. Kwangathi kungenzela inkazimulo kaNkulunkulu, njengoba ngimi lapha ukumela leliZwi ukuthi liyiQiniso.

Kunendoda ehlezi khona lapho. Uma u . . .

197 Ngi—ngifisa nje sengathi beningabona kulelizinga, lokhu ukuKhanya. Manje, khona manje . . . Niyabo, ikhona into eyenzekile; Ukudonsele ngaphandle nje, njengengxenye yomuntu ibekwe eceleni. Leso yisiphiwo. Futhi uma kwenza, khona-ke ku—kungelinye izwe.

198 Kunendoda ehlezi lapho, futhi iyakhuleka. Futhi, indaba ngayo, ibinokuhlinzwa noma okuthize, emathunjini. Futhi sekunesikhathi esithize esedlule, kodwa akwenzi kahle. Ngiyethemba ayikugeji. Kodwa uNkulunkulu uzongisiza, ngizolibiza igama layo. Mnu. Price, kholwa angikwazi, mnumzane, ngiyisihambi kuwe. Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho. Uma lokho kunjalo futhi kwazi . . . Lokho kuyiqiniso na? Yebo, mnumzane.

199 Manje aniboni na? Kuyini na? WuPhawu lukhomba ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo futhi nguyena izolo, namuhla, naphakade, esebenza ngenyama yomuntu njengoba nje Enza lapho phambi kukaAbrahama, iBandla elikhethiwe, phambi kweSodoma. Futhi uJesu wathi, "Kuyobuya futhi, ekufikeni kweNdodana yomuntu."

200 Lapha, nansi enye indoda ihlezi lapha, ingibuka ngqo, ukuxhumana ngempela. Indoda iphethwe inkathazo yesisu nenkathazo yeqolo. Igama layo nguMnu. Flannigan. Angikwazi, kodwa lelo yiqiniso. Lowo ngumkakho ehlezi lapho eceleni kwakho. Uyagula, naye. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu unamandla okungitshela manje, nokuxhumana kwakho okuhle kokukholwa na? Umkakho unenkathazo yeqolo. Futhi unenkathazo yabesifazane, isesizalweni. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

201 Manje, kuyini na? Ubani owenza lokho na? IBhayibehli lasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." IBhayibheli lathi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili," ekushunyayelweni kwaLo, lihlaba lahlukanise, futhi alimnaki umuntu odumileyo, noma yihlelo, noma yini. Futhi manje-ke Lizikhomba Lona uqobo njengani na? "Elehlukanisa imicabango osenhliziyweni." Kunjalo na? Kunjalo impela. Ukuba kuphela beningakukholwa lokho! Kukholweni nje ngayo yonke inhliziyo yenu.

202 Kunenenekazi elihlezi khona lapha. Linamathumba. Alisilo elalapha. Lingelase Sacramento. Igama lalo ngu Nkk. Bradley. Sukuma ume ngezinyawo zakho, uma lokho kunjalo, nenekazi, futhi siyizihambi. Futhi phakamisa izandla zakho uma lokho kunjalo. Kunjalo na? Ngikholwa ngeqiniso asehambile. Manje lowo bekungowesifazane nje ehlezi lapho.

203 Nanti inenekazi lihlezi le emuva lapha. Lifake isigqoko, uhlobo lwesigqoko esibukeka sinsundu. Sinezimpaphe. Likhumula izibuko zalo. Lihlezi lapho, likhuleka. Belikhulekela into ethize ukuba yenzeke. Yini eyenza lowo wesifazane enze lokho na? Lowo wesifazane usanda kuphiliswa nje enkathazweni yenhliziyo. Ukhulekela umfowabo, futhi unenkathazo yenhliziyo. Futhi unomlamu wakhe ongasindisiwe, futhi u—ukhulekela yena ukuba asindiswe. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uma lokho kunjalo, nenekazi, sukuma ume ngezinyawo zakho, ukuze abantu bezokwazi. Belihlezi khona lapho, lisho lokhu, likhulekela labobantu ngaleyonkathi. Uma lokho kunjalo, vayizela ngesandla sakho, nenekazi, emuva naphambili, ukuze bakwazi ukubona.

204 Bengingamtshela kanjani ukuthi ubekhuleka mayelana nani, ngisemsamo lapha na?

205 Nansi indoda ehlezi khona lapha. Iphethwe yinkathazo emadolweni ayo. Ikhulekela umngani okhubazekile. A—a, ngempela, ayisiyo eyalapha. Ingeyase Santa Maria, indawo ethiwa yiSanta Maria. Futhi igama layo, bayibiza ngoTony. Sukuma, uma lokho kunjalo. Ngiyisihambi kuwe.

206 Bambani uPhawu lwenu phambi komkhuleko wenu! UNkulunkulu, ngenkathi leyoNgelosi yeNkosi ihlangana nami eminyakeni eyadlula...Ngenkathi ngiqala ukungena lapha, ngangibamba abantu ngesandla, nganitshela ukuthi Wangitshela ukuthi lokhu kuyodlula. Manje kunento ethize enkulu kunaleyo. Niyabo? Niyabo? Futhi kuqhubeka njalonjalo, (ngani na?) ibambe loloPhawu phambi kwalokho. Niyabo, uMoya oNgcwele, qobo lwaWo, Uyaphila. YiWo okwenzayo. Washo.

207 Manje uma noma ubani esekungabazeni, hamba uzungeze lababantu bese ubabuza ukuthi ngake ngababona yini, ngabazi,

kumbe noma yini enye. Balapha. Kuqala ukwenzeka nje kuyoyonke indlu manje.

208 Manje, lapha, uma uNkulunkulu engehlukanisa lokho, ake nginitshele okuthize. Kukhona izinqwabanqwaba zenu lapha, kulobubusuku, odinga umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubamba loloPhawu. Ni, ni . . . Nicabanga nje ukuthi ninaLo, nibe ningenalo. Ningathathi lelothuba, bangani. Ngikholweni. Uma ningikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu . . . Noma, ngiyaxolisa, bengingaqondile ukusho lokho. Angizibizi ngomprofethi. Inceku kaNkulunkulu, uma nikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, ngiyanitshela, eGameni leNkosi.

Sisakhothamisa amakhanda ethu, umzuzwana nje.

209 Lolu wubizo olukhulu. Ngifuna wonke umuntu phakathi lapha, ongesuye umKristu, enyukele lapha umzuzu futhi mangikhuleke nawe, futhi ngibeke izandla phezu kwakho, uMoya oNgcwele usekimi, ugcobo luselapha. UPhawu luvezwa obala, ubufakazi obuningi obungenakuphosisa! Ningalokhu nithule ngempela na? Gudluka uphume esihlalweni sakho bese wenyuka manje.

210 Uma udade lapho, kumbe noma ubani ongumholi wamaculo, sinikeze indlela yomnyuziki manje.

211 Ningenyuka. Futhi nje wonke umuntu ongesuye umKristu, enyukele lapha futhi ame lapha ealtare, umzuzwana nje. Lokho kuhle. INkosi ikubisise, mfowethu. INkosi, ikubusise, dade. Yenyuka ngqo uzungeze ialtare lapha. Wonke umuntu . . .

> Wozani, yonke imiphefumulo manje ecindezelwe yisono,
> Kunesihawu neNkosi.

212 Manje nizokwenza na? Kulungile. Yenyukelani lapha ngqo, nime lapha umzuzwana nje, nina eningenaye uKristu. Bukani, ihora selishiywa yisikhathi, bangani. Ingelosi yokufa ingahle ihlukanise phakathi koMlobokazi nebandla, noma nini. Ninge . . .

> Yonke imiphefumulo ecindezelwe yisono,
> Kunesihawu neNkosi,

Ningeze manje besacula na?

> Impela Iyoniphumuza.

213 Ngani na? Ininika uPhawu, khona-ke nisekuphumuleni, niyabo. Ninenkomba. INkosi ithumele uMlayezo waYo, yaWukhomba, iNsika yoMlilo.

> Kuphela Ithembeni, kuphela . . .

214 MaKristu, nina eninoPhawu, khulekani. Zoni ezingenaKristu, ningeza, Isakhonjwa lapha ngokucace kakhulu, njengoPhawu. UPhawu, Ayifile, Ivukile kwababafileyo. Ningeza manje na?

Izonisindisa, Izonisindisa manje.
Kuphela thembani . . .

215 Ithembeni nje! Nithi, "Mfowethu Branham, angazi ukuthi kwenziwa kanjani." Yenyukelani lapha, enifanele nikwenze nje kuphela ukuba nisukume nje ngqo. Nilalele uMoya oNgcwele. Yileyondlela lezizinto ezisebenza ngayo, Ilaleleni nje. Yakwethembisa. Njengoba nje Yethembisa ukwenza lezizinto ngosuku lokugcina, Yethembisa ukusindisa abalahlekile.

216 Uthi, "Awu, ngiyasonta, Mfowethu Branham." Lokho akusikho enginibuza khona.

217 Ngiyakubuza manje, "Usindisiwe na? UngumKristu na?" Uma ungesuye, yenyuka. Yenyuka. Ngiyakucela, eGameni likaKristu, woza.

Ithembeni, kuphela . . .

218 Yilokho ke, ngena ngqo, woza ngqo uzungeze ialtare manje, mfowethu.

Izonisindisa, Izonisindisa,
Izonisindisa manje.

Yini ofanele uyenze na?

Ithembeni kuphela nje, Ithembeni kuphela,
Kuphela Ithembeni manje;
Izonisindisa, Izonisindisa,
Izonisindisa manje.

219 Kunjalo, wozani ngqo, bangani, wozani ngqo. Wonke umKristu, khuleka khona manje. Khumbulani, abantu bangahle beze, leli kungahle kube yithuba lokugcina abayoke babenalo. Leli kungahle kubeyilo. Uma Engahlukanisa imicabango yenhliziyo, Uyangitshela futhi yiqiniso, "Abaningi phakathi lapha!" Ningamvumeli uSathane anidukise, dadewethu, mfowethu. Ningamvumeli akwenze, ngiyacela ningakwenzi. Yemukela uPhawu lukaNkulunkulu, kulobubusuku. Nizoza manje na? Manje!

Kuphela nizoYethemba, kuphela Ithembeni,
Kuphela Ithembeni manje;
Izonisindisa, Izonisindisa,
Izonisindisa manje.

220 O Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi eGameni likaJesu, ukuthi Uzobuka phansi phezu kwalezizethameli futhi uzofunisisa. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu, Olapha manje, okhona, ukhombisa uJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade . . . Nkosi, akukho thuba likaSathane ukuba azame ukuhlikihla ngakukho. Lapha U—Uzikhomba Wena uqobo, umi lapha usenyameni yomuntu phakathi kwethu, futhi uzikhomba Wena uqobo ngoPhawu olwaluzoKukhomba. UPhawu luzokhomba uJesu Kristu, ukuvuka kwaKhe. Futhi Nantu manje lukhomba Yena, enza okufanayo Akwenzayo

ngenkathi Ema lapha emzimbeni wangempela. O Baba Nkulunkulu, kwangathi abantu bangabona futhi baqonde ukuthi yonke lemiBhalo nezinto kugcwaliswa ngokuphelele kanjani.

221 Kwangathi wonke umphefumulo ungeza manje, Nkosi. Hamba kanye futhi, Baba, futhi ukhulume ezinhliziyweni, ukuze ngizoqiniseka ukuthi . . . ngiKucelile, futhi ngiyazi Uzokwenza. Uhlala njalo uyiphendula imikhuleko yethu. Khuluma kanye futhi, Nkosi. Ngiqinisekile ukuthi kube nabanye abazizwele ukuthi bebefanele, kodwa abazange bakwenze nje. Siphe khona, Nkosi, ukuthi bazokuza manje. NgeGama likaJesu, ngiyacela.

222 Namakhanda ethu ekhotheme, sukumani (ningesukume na?) futhi wozani manje sisalicula futhi manje. Futhi phumani ngqo, phumani. Ngiyezwa nje phansi enhliziyweni yami; Lokho akunalo neze iphutha. Niyabo?

Kuphela Ithembeni,

223 Nizosukuma na? Yehlelani lapha, nime nizungeze ialtare. Ninga . . . Leli kungahle kube yithuba lokugcina enike nize nibe nalo. Uma lowombuzo omncane ubusemqondweni wakho, unga—ungathathi thuba. Ungathathi thuba, mngani. Uyabo, izimvula ziyafika, nabantu babengayazi. Ingelosi yokufa yagadla, abantu abacabanganga ukuthi kwakunjalo. UMose wabatshela ukuthi kwakuzokwenzeka. Wakhonjwa ngokucacile nguNkulunkulu.

224 Wena uthi, "Kodwa ngiyiPresbyterian. NgiyiMethodisti. NgiyiBaptisti." Angi . . . Lokho akunalutho ngisho. Niyabo?

225 Wozani! Ngicela nina ukuba nize manje, wozani futhi niMemukele ngempela. Ninga . . . Ubuzoqiniseka ngempela uma uhlole amathayi akho ngaphambi kokuba ushayele ngesivinini, uhlole imoto yakho ngaphambi kokuba uthathe iholide lakho. Ningebe nayo yini inkomba yokuvuka ngaphakathi kwenu na? Ningeze yini na? UNkulunkulu anibusise. Lokho kuhle. Owesithupha, owesikhombisa, abanye futhi abayisishiyagalombili uzile kusukela ngaleyonkathi. Ngiyakuzonda nje ukukuvala, kanjalo. Ningeza na? UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. Busiswa, nenekazi.

Manje Izonisindisa, Izonisindisa.

226 UNkulunkulu akubusise, nsizwa. Uma ufuna ukwazi, ubungomunye wabo. Nakho-ke.

Kuphela Ithembe,

227 Manje, lokho akusiyo yini into ethize, ukubabona benyuka na? Yena . . . Niyabo, uMoya oNgcwele awunalo neze iphutha. Uqinise ngokuphelele.

Manje Izonisindisa, Izonisindisa,
Izonisindisa manje.

228 Seniqiniseke ngempela manje na? Njengoba umnyuziki uqhubeka, uma nithanda, kancane. NingaYethemba na? NingaYithatha nje eZwini laYo na?

229 Uthi, "Nkosi, bengihlala njalo ngifuna leyonhlanganyelo esondele, leyonto ethize yangempela. Mina, ngiLifuna ngempela, Nkosi, kodwa ngibone okuningi ukubhuqwa kwaLo." Ngani, impela, lowo nguSathane, we—wenza lokho ukunintshinga niphume emzileni. "Ngi—ngibabonile labo abebezisho." Lokho, lokho, niyabo, kukhombisa kuphela ukuthi Likhona elangempela ndawondawo. Uma uthola idola mbumbulu, yingenxa yokuthi nje lenziwe kwelihle. Niyabo? Niyabo?

230 Ningeze na? Ngempela Ithembeni ngoMoya oNgcwele. Uma Ikhonjwe kakhulu lapha phambi kwenu, izikhomba Yona uqobo lapha phambi cishe kwabantu abayizinkulungwane ezintathu, ikhombisa. Ikwenze ngaphambi kwezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu eBombay. Yakwenza ngaphambi, lapha ezinkulungwaneni eziyikhulu namashumi amahlanu noma ezingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu eDurban, eNingizimu Afrika, lapho izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe beza kuKristu ngesikhathi esisodwa. Niyabo? IVangeli selithi aliphele eMelika, bangani. Isithi ayiphele. Uma ningikholwa ukuthi ngixhumene noNkulunkulu, khumbulani, lelo yiqiniso. Ningeze manje na?

231 Ngizocela abafowethu abangabefundisi bethu lapha, uma bezokwehla emsamo, futhi bame bazungeze lapha, ngalomkhuleko wabantu.

232 Nonke nina abanye ningakhothamisa amakhanda enu, ngaphandle uma nifuna ukuza besami nje bezungeze ialtare lapha. Ngizokhuleka nani.

233 Ngifuna wena ndoda ukuba wehlele lapho, ngoba lababantu bazoba ngamalunga amabandla enu. Bezile, bemukela uKristu manje.

234 Ningeze, nime nizungeze, ukhona omunye futhi ongathanda ukuza ngalesisikhathi na? Ialtare lisavuliwe. Bangahle banga . . . Kungahle ukuba isikhathi sesedlule kakhulu, emva kwesikhashana.

235 Cabangani nje, uMoya oNgcwele omkhulu uza, ukhomba uJesu Kristu ephila, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ubona yona impela iMvelo yaKhe yenza into efanayo njengoba Ethembisa ukuthi kuyokwenziwa. Kunjalo.

236 Ngijabula kakhulu ngani, bangani. Niyilabo bantu behora leshumi nanye abemi lapha, ningena nje. Ngijabula kakhulu niyeza. Ngamunye wenu, khumbulani, kube nguNkulunkulu Onitshele ukuba nize. Ngokobuntu, beningeke nikwenze, kodwa uNkulunkulu unitshelile ukuba nikwenze.

237 Manje ngenkathi lababazalwane lapha nami sikhuleka, kwangathi iNkosi . . . [Omunye ubuza uMfowethu Branham ngabanye abafowethu abangabefundisi—Umhl.] "Uma umfundisi e*ngapha?*" Impela, noma yibaphi abazalwane abakhonzisayo, wozani lapha. Ninamabandla nezinto ngokuzungeza lapha; wozani, hlanganani ngokuzungeza nalababantu. Laba ngabantu odukile, abanye babo. Abanye babo beza okokuqala, futhi bami lapha manje. Yenyukani ngqo phakathi kwabo. Donsani ngqo ningene phakathi kwabo. Zingenele wena nje ngqo, ubatshele, "NginguMelusi *uS'bani-bani*. Ngilapha ukuba ngikhuleke nawe, mfowethu. Ngiyakuthanda. Ngiyakuthanda, futhi ngilapha ukuba ngikhuleke nawe."

238 Bukani, wozani, abenu, yenyukelani *ngapha*. Yenyukelani ngapha, kunekamelo phakathi lapha. Abanye benu phezulu *ngapha*. Nje . . .

239 Nakho-ke, ngenani ngqo phakathi kwabantu, nithi, "NginguMelusi *uS'bani-bani*." Beka isandla sakho ehlombe lomunye umuntu, uthi, "Ngiza ukuba ngikhuleke nawe, dadewethu othandekayo, mfowethu othandekayo. Ngiza ukuba ngikusize kuKristu." Ngena nje ngqo manje, uthi, "Mina, ngizojabula ukukwenzela noma yini engingayenza. Sizokhuleka manje."

240 Ngicele ibandla uma bezokhothamisa amakhanda abo kanye nathi, sisaya emkhulekweni.

241 Ngamunye wenu belusi, zitholele umuntu, thola omunye umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. Umelusi ngamunye, ngena phakathi kwabantu, ukuze ubeke izandla zakho phezu komunye umuntu. Nakho-ke.

242 Ngamunye wenu vumani ukuthi beninephutha. Futhi, khumbulani, lowoJesu ofanayo manje ukhona lapha. Ngakho ngisize, lokho kuKhanya kukhona lapha phakathi kwenu. UnguKristu. Mceleni nje ukuba anithethelele, noNkulunkulu uzonihlanza kuzozonke izono. Hlalani khona lapho nje manje. Nomelusi uzoniholela ngqo ekuphendukeni futhi aqhubekele ngqo oPhawini, nalokhu kuzokuxazulula.

243 Nkosi Jesu, siletha kuWe, kulobubusuku, Nkosi, onke lamaduku nezinto, okwenkazimulo kaNkulunkulu, ukuthi Uzobaphilisa bonke ngamunye, ngenxa yenkazimulo yaKho.

244 Baba, lezizethameli, siKubona ukhonjwe ngokucacile kakhulu ngeZwi laKho. Ukhonjwe njengoMuntu weNkosi uJesu, lapha ngesimo sikaMoya oNgcwele, uhamba udabula kubantu, wehlukanisa imicabango osenhliziyweni yabo, uphilisa ukugula kwabo, futhi ubabizela ekuphendukeni, iNdodana kaNkulunkulu enkulu enamandla. Ngibanika Wena, Baba, njengezimpawu zokukholwa kwabo kweyaKho ekholiwe . . . eZwini laKho elibikezelwe. IZwi Owathi Uyolenza.

Ngiyethemba, Nkosi, ukuthi UzoLiqinisa kubo. BangabaKho. Bayizipho zothando; ngibanika Wena, Baba. EGameni likaJesu Kristu, basindise bonke, Nkosi. Bagcwalise bonke ngoMoya oNgcwele. Siphe khona, O Nkulunkulu oPhakade. UMoya waKho nesihawu makube phezu kwabo, ngenxa yenkazimulo yaKho.

*UPhawu* ZUL64-0208

(The Token)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngo Febuwari 8, ngo1964, eKern County Fairgrounds eBakersfield, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE

58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org